

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt. Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt. Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika

| Ukulingana | Isithunzi somuntu | Impilo |
| --- | --- | --- |
| Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi. | Hlonipha wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela. | Impilo yonke ibalulekile. Hlonipha yonke into ephilayo. |
| **Umndeni** | **Imfundo** | **Ukusebenza** |
| Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni. | Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole. | Siza umndeni emisebenzini eyenziwa ekhaya. Abantwana mabangaphoqelelwa ukuthola umsebenzi. |
| **Inkululeko nokuphepha** | **Impahla** | **Inkolo, ukukholwa nemibono** |
| Ungalimazi, ungahluphi noma wesabise abanye abantu. Ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula izinkinga zokungaboni ngaso linye ngendlela enokuzithoba. | Hlonipha impahla yabanye abantu. Vikela impahla yomuntu noma yomphakathi. Ungantshontshi. | Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu. |
| **Ukuphepha** | **Ubuzwe** | **Ukukhululeka kokukhuluma** |
| Vikela umhlaba. Ungalimazi amanzi nogesi. Vikela izilwane nezitshalo. Qiniseka ukuthi izikole namakhaya enu kuhlanzekile. | Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo. | Ungaqhubekisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye abantu abedelelwa, abalinyazwa imizwa yabo. |

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Thirteenth edition 2023

ISBN 978-1-920458-41-6

**This book may not be sold.**

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

# INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Le Ncwadi Yokusebenzela idinga ukusetshenziswa ndawonye nezinye onazo. Uma wenza ulimi, thola olunye ulwazi kuCAPS.

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, le Ncwadi Yemisebenzi ihlelwe yalungiselwa ukuthi ukukhulise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kukhule ikhono lokuxhumana empilweni yomfundi, kanye nolwazi lokufunda. Sethemba ukuthi izoba usizo le ncwadi ekuthuthukiseni amakhono olimi.

Le ncwadi ilungiswe yalandela uhlelo lwamasonto amabili olubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, kanye nele-103, kuyo le Ncwadi Yemisebenzi, uzothola imiyalelo ecacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Umjikelezo wamasonto amabili uqukethe lokhu okulandelayo:




**1 Ukulalela nokukhuluma – amahora ama-2 emasontweni amabili**

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalonjalo lokukhulisa ikhono Lokulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkinga, bethule nemibono. Le Ncwadi Yemisebenzi inemisebenzi embalwa yokukhuluma nokulalela engasetshenziswa ukuthuthukisa ikhono lukulalela nokukhuluma




**2 Ukufunda nokubukela – amahora ama-5 emasontweni amabili**

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kulamasonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izinkondlo, ama-eseyi, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kuhambisane nemibhalo ebukwayo: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, uhlaka, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele inqubo yokufunda ibheke okwenzeka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa nangemuva kokufunda.





**3 Ukubhala Nokwethula – amahora ama-4 emasontweni amabili**

I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amaningi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlelwa kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene.




**4 Izakhiwo zolimi nezimiso – ihora eli-1 emasontweni amabili**

I-CAPS inohla lweminininingwane Yezakhiwo Zolimi nezimiso okumele zenziwe ebangeni ngalinye. LeNcwadi Yemisebenzi ehambisana nomjikelezo wamasonto amabili. Umsebenzi ngamunye unencazelo Kanye nezibonelo.




Thola omunye umhlahlandlela obizwa ngokuthi Incwadi Yokuqeqesha.

ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 2 2019/04/02 11:00:19

Okuqukethwe



# Indikimba 1: Izindaba nezingxoxo


**Izindaba**
**Ithemu 1: Amasonto 1 – 2**

**1 Ukudlala umdlalo** 2
Ukufunda indaba nokuqagela.
Ukufunda indaba.
Ingxoxo ngabalingiswa, isizinda kanye nesakhiwo.
Ingxoxo ngokuqagela ukuthi indaba izophela kanjani.
Ukubhala isiphetho sendaba.
Ukudlala umdlalo omayelana nendaba.
Amagama amasha nomsebenzi obhekiswe emagameni agqanyisiwe endabeni.

**2 Ukucabanga ngendaba** 4
Amagama amasha: Ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Ukufunda uqonde indlela okuphendulwa ngayo imibuzo evulekile kanye nekhethisayo.
Fingqa lendaba ulandele ukulandelana kwezehlakalo.

**3 Ukuphethwa kwendaba** 6
Ukufunda isiphetho sendaba.
Ukuphinda kuxoxwe ngokwenzeke endabeni ngokulandelana kwakho.
Ukunikeza imisho yendaba izinombolo ngokulandelana kwayo.
Ukwethulwa kwamabizomvama.
Ukuthola amabizomvama endabeni.
Ukubhekisisa indlela yokubhala.

**4 Ukubhala indaba** 8
Okulandelwayo uma kubhalwa indaba.
Ukuhlela indaba usebenzisa uhlaka.
Ukubhala indaba usebenzisa uhlaka.
Ukuthumela i-SMS, usebenzisa imisho elula.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

**5 Izinhlobo ezahlukene zamabizo** 10
Ukuthola amabizomvama namabizoqho.
Ukusetshenziswa kwamabizoqho emishweni.
Amabizo ezinto ezibalekayo nezingabaleki.
Ukuthola ukuthi amabizo ayabaleka yini noma cha.

**6 UJabu uphehla amaqanda** 12
Ukufunda nokuqagela ukuthi indaba iphela kanjani kusetshenziswa izinsiza-kubona.
Ingxoxo ngendaba – umlingiswa nesakhiwo.
Sebenzisa umdwebo wopopayi kanye namabhamuza enkulumo ukwakha indaba.
Lungiselela ukubhala indaba usebenzisa uhlaka.
Bhala indaba emayelana nomdwebo ohlelweni lwakho.
Bhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakho.

**7 Ingaphandle lencwadi** 14
Ukusebenzisa indaba efundiwe ngenjesibonelo sokubuyekeza incwadi.
Ukusebenzisa indaba nekhava uma uphawula ngesakhiwo nabalingiswa.
Ukufingqa indaba ngamaphuzu kususelwa kumlingiswa ovelele kusetshenziswa inkathi edlule.
Ukuqondanisa izichasiso namabizo, amagama aphikisanayo kanye namabizoqoqa.

**8 Ukubhala indaba** 16
Ukulungiselele ukubhala umbhalo wakhe obhekele kakhulu umusho omkhulu kanye nezigatshana.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

**Inkondlo**
**Ithemu 1: Amasonto 3 – 4**

**9 Ukuhluzwa kwenkondlo** 18
Ukufunda izinkondlo ezimbili ngokuphimisela.
Bheka kakhulu ubunkondlo: ifuzamsindo, isigqi kanye nemvumelwano.
Phendula imibuzo yokufunda ngokuqonda enkondlweni.
Ukuthola amagama anemvumelwano kanye nobunye ubunkondlo.

**10 Ukubhalwa kwenkondlo** 20
Ukugcwalisa amagama anemvumelwano ukuqedela inkondlo.
Ukubhala inkondlo enemvumelwano.
Ukwethulwa kwamabizosimo.
Ukugcwalisa amabizosimo afanele emishweni.

**11 Ukusebenza kwebizo** 22
Ukugcwalisa izinhlobo zamabizo encwadini ukuze kwakheke incazelo.
Ukubhala idayari usebenzisa amabizosimo.
Ukufingqa okukudayari ngomusho olula we-SMS.
Qedela ifomu lemininingwane yomuntu ngendlela yamabizoqho.
Thola uphinde usebenzise amabizoqho emushweni.
Hlela amabizoqho ngemikhakha yamagama abantu, ezindawo kanye nesikhathi (usuku nenyanga).

**12 Uhambo lwesikole lwabathanda izinambuzane** 24
Funda isimemo sohambo lwesikole.
Thola amabizo.
Phendula imibuzo yokufunda ngokuqonda.
Funda inkondlo bese ufuna amagama anemvumelwano. Dweba isithombe esihambelana nenkondlo.

**13 Luvemvane ubukuphi?** 26
Ukufunda izinkondlo ngezimo.
Ukufaka izimpawu emishweni

**14 Amabizongxube** 28
Ukuhlukanisa amabizombaxa namabizomvama.
Ukulalela imisindo yamagama.
Ukuthola amabizosimo.

**15 Masicule** 30
Funda inkondlo.
Faka izimpawu emishweni.
Izinto ezidinga ukukhunjulwa ngamabizo ezinto ezingabaleki.

**16 Masibhale incwadi** 32
Ukulungiselela ukubhala indaba.
Ukubhala nokwethula indaba ekhishwe embhalweni othile.










ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 1 2019/04/02 11:00:23

# 1 Ukudlala umdlalo

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi indaba imayelana nani.
- funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.




Ake ubheke kulesi sithombe bese usho ukuthi indaba imayelana nani. Ucabanga ukuthi yindaba eyiqiniso le? Uma ucabanga zindala kangakanani izingane ezisendabeni?

Lalipholile ngalelo langa likaNcwaba, abeqembu lebhola labangaphansi kweminyaka eyi-12 baphuma begxuma ebhasini bexokozela. Babephikelele ukuyodlala umdlalo wokugcina waleyo sizini. Ngenkathi banqamula insimu bephikelele enkundleni yemidlalo kwakuzwakala amavuvuzela nezingane ezazimemeza zikhuthaza abadlali.

Bonke babenesasasa ngomdlalo wamanqamu owawuphakathi kwesikole iNew Town nesamabanga aphansi iSea View.

U-Anna noMandu kwakuwukuphela kwamantombazana eqenjini laseNew Town. Babethemba ukuthi bazokwazi ukunqoba isikole samabanga aphansi, iSea View.

Ngenkathi u-Anna, ukaputeni, **enqamula** ensimini wayezicabanga nje esemukela indebe yeqembu lakhe. Wayeyicabanga nayo **isimenyezeliswa** yilanga. U-Anna kwakungumuntu ozikhathazayo ngabanye. Wayesehlela ukuba kube nekhonsathi lesikole ukuze kutholakale imali yokuthenga izicathulo zebhola zalabo ababengenayo eyokuzithengela. Namuhla uzimisele ukuhola ithimu yakhe ekunqobeni.

NoMandu owayeneminyaka eyishumi nanye wayewulangazelele kakhulu lo mdlalo. Wayezicabanga nje esefaka igoli lokunqoba ngezicathulo zakhe eziphuzi. Wezwakala **esempongoloza** ngenkathi ephonseka emgodini.



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 2 2019/01/02 11:00:25

Usuku:



"Ngisizeni bo!" ekhala. U-Anna noPeter noJabu bagijima babuyela emuva ukuyosiza.

"O, bakwethu," ebalisa, egxuma ngomlenze owodwa. "Angikwazi ukuma ngonyawo lwami!" Wahlala phansi otshanini. "Ngethemba ukuthi angephukanga iqakala," esho zehla izinyembezi.

U-Anna akazanga ukuthi kuzomphatha kanjani yena uqobo ukulimala kukaMandu. "Phela uma uMandu engezukudlala, nami ngeke ngidlale. Kumele **ngimphuthumise** emtholampilo.

U-Anna wadonsa umoya kakhulu.

"Ungakhathazeki, Mandu," kusho yena. "Ngizokutholela udokotela."

"Cha, Anna, cha. Awukwazi ukwenza lokho. Ngizolinda nje lapha uze uphele umdlalo."

"Awukwazi ukusala lapha wedwa, Mandu," kuphendula u-Anna.

U-Anna waphendukela kwabeqembu lakhe. Wayelwa nokubamba izinyembezi lapho esethi, "Hambani nina niyodlala. Kumele **nihlabane** noma kanjani!"

**Masibhale**

Khuluma nomngani wakho ngokuthi uma nicabanga indaba izophela kanjani. Manje bhala isiphetho esinamagama asuka ema-40 – 50 kulendaba. Ngabe u-Anna uzodlala noma uzosiza uMandu?

# 2 Ukucabanga ngendaba


**Masikhulume**

Abalingiswa abasendabeni sibazi ngezenzo zabo, imicabango yabo nezinkulumo zabo. Xoxani ngesimilo sika-Anna. Xoxani ngalokho akwenza, nakucabanga nezinyathelo azithatha.

**Umsebeni wamazwi**

Dweba umugqa ukuxhuma igama elingakwesobunxele nencazelo yalo engakwesokudla.

| | |
|---|---|
| enqamula | icwebezela |
| imenyezeliswa | wakhala |
| ukumpongoloza | ehamba ewela |
| ngimphuthumise | niphumelele |
| nihlabane | ngimyise masinyane |



**Masibhale**


Funda indaba kaMandu no-Anna bese uphendula le mibuzo:

| Ngobani abalingiswa ababili abaphambili kule ndaba? |
|---|
| |

Manje-ke kokelezela inombolo eseduze nempendulo okuyiyonayona.

| Sazi ngani ukuthi uMandu wayenovalo? | |
|---|---|
| 1 | Akawubonanga umgodi otshanini. |
| 2 | Wayezicabanga esefaka igoli lokunqoba. |
| 3 | Wayekufuna ngempela ukudlala. |
| 4 | Wayengakwazanga ukulala ebusuku obendulela lolo suku. |

| Sazi ngani ukuthi abadlali babenesasasa? | |
|---|---|
| 1 | Babefisa ukunqoba. |
| 2 | Bezwa amavuvuzela. |
| 3 | Behla ebhasini bexokozela. |
| 4 | Abamsizanga uMandu. |





ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 4 2019/01/02 11:00:36


# Okwalandela





Masifunde

Manje-ke funda isiphetho sendaba. Ngabe ukhona ekilasini lakho obelindele lesi siphetho?



U-Anna wayelokhu esekele uMandu ngenkathi sebebuyela ebhasini, bahambisana sebeya emtholampilo. Udokotela waluhlolisisa unyawo lukaMandu. Wathatha i-X-reyi, wayibheka, wase emamatheka. Wase ebatshela ukuthi unyawo lukaMandu luzophola nje. Walubhandisha wase etshela uMandu ukuthi wayengalidlala ibhola uma ezizwa esengcono.

"Uma uthanda," kusho udokotela, "ngingakushayelela ngikuyise enkundleni yemidlalo. Kade ngagcina ukubukela umdlalo webhola."

Udokotela olungile-ke waya nabo ngemoto enkundleni yemidlalo. Bafika khona ngesikhathi sekhefu. Amagoli ayema-2 kuNew Town, ema-2 kuSea View. Lapho usuqala futhi umdlalo nala mantombazana angena enkundleni.

U-Anna washeshe wafakela iNew Town igoli lesithathu; kwathi ingakakhali nje impempe yokugcina, uMandu wafaka elesine. Izibukeli zahlokoma zihalalisa. Amavuvuzela akhala ezwakala le kude.

Ayejabule kakhulu amantombazana amabili lapho iqembu lawo selemukelela isikole sawo indebe.



**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi indaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.





Masikhulume

Dedelanani nomngani wakho ekuxoxeni ngokuthi kwenzekeni endabeni kusukela lapho iqembu lebhola lehla ebhasini kuze kufike ekugcineni lapho iNew Town isinqoba emdlalweni. Ungakhohlwa ukusho ukuthi yayithini imiphumela.



Masibhale

Fakela le misho izinombolo kusuka kweyoku-1 kuya kweye-6, ukukhombisa ukalandelana kokwenzeka kwezinto endabeni.

| | |
|---|---|
| | UMandu akawubonanga umgodi owawusotshanini wase ephonseka kuwo. |
| | U-Anna wathatha uMandu wamyisa kudokotela. |
| | Udokotela wabuyisela amantombazana enkundleni yemidlalo. |
| | Izingane zahamba ngebhasi ukuya enkundleni yebhola. |
| | Banqamula ensimini ukuya enkundleni yemidlalo. |
| | Amalungu eqembu ajabula kakhulu lapho esethola indebe yawo. |



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 6 2019/04/02 11:00:52

# Amabizomvama










La mabizo ngamagama ezinto ongase uzibone uzithinte.

















| | |
|---|---|
| Manje ake ubhale amanye amabizo ajwayelekile ongase uwacabange. | |




Thola udwebele amabizomvama ayishumi endabeni.





Manje-ke bhala imisho eyisithupha usebenzisa amanye amabizomvama owatholile.

## Ukubhala i-eseyi

Uma ubhala i-eseyi kumele ulandele izinyathelo eziyisihlanu.

1. Ihlele kahle i-eseyi yakho usebenzise ibalazwe lemibono.
2. Bhala umzamo wokuqala.
3. Lungisa ukupelwa kwamagama nezimpawu zokubhala.
4. Bukeza indaba yakho.
5. Lungisa amaphutha kulendaba.
6. Ibhale ngobunono-ke manje encwadini yakho.





UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 7 2019/04/02 11:01:12

# Izinhlobo ezahlukene zamabizo



## Amabizoqho

Amabizoqho ngamagama abantu, izindawo, izinyanga nezinsuku. Njalo nje aqala ngosonhlamvukazi.










**Masibhale** Bhala amagama angamabizoqho abantu nezindawo.

| | |
|---|---|
| Abantu | |
| | |
| Izindawo | |
| | |

Kokelezela amazwi angamabizoqho okumele aqale ngosonhlamvukazi.

imbali, ujulayi, inyanga, umary, umsombuluko, isihlalo, u-ann, ibhasi, ethekwini, elimpopo, umandu, epolokwane, ibhola, ubhanana, isikole, inew town, usmith, uzuma, ujabu, ihonda

Usuku: ______________



Masibhale


Bhala imisho emine usebenzise amabizoqho.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |



Yimaphi amabizo ezinto ezibalekayo? Ngamagama ezinto esikwazi ukuzibala, njengezilwane nabantu. Sisebenzisa amagama anjengokuthi okuningi, okuthile okuyingcosane namabizo okubalekayo.

Yimaphi amabizo ezinto ezingabaleki? Amabizo ezinto ezingabaleki awalezi zinto umuntu angeke azibale, njengesihlabathi, amanzi nosawoti. Sike sisebenzise amagama afana nokuthi "kuningi" (hhayi ngokubalwa), "kuncane" namagama okungabaleki.





Masikhulume

Buza umngani wakho ngezinto ezisekilasini noma ekhaya. Buza imibuzo eqala ngokuthi:

Kungaki ______________ ? Noma kungakanani ______________ ?



Masibhale

Dwebela amabizomvama kulowo nalawo musho kule elandelayo. Shono ukuthi ngawezinto ezibalekayo yini noma ezingabaleki bese ufaka uphawu ebhokisini elifanele. Kokelezela amabizoqho.

| | | Okubalekayo | Okungabaleki |
|---|---|---|---|
| 1 | Ngilambile kodwa akusengakanani ukudla okusele. | | |
| 2 | UMolly unodoli abaningi. | | |
| 3 | UJabu udlala esihlabathini. | | |
| 4 | UDan unodadewabo ababili. | | |
| 5 | UMark uthanda isinkwa. | | |
| 6 | Saya ezindaweni eziningi ezinhle eGauteng. | | |
| 7 | Izingane ekilasini lami ziyayithokozela imidlalo. | | |
| 8 | Nginezigqoko ezimbalwa nje. | | |
| 9 | UDineo kumele angawudli ushukela omningi. | | |
| 10 | UThuli kumele aphuze amanzi amaningi | | |

UTHISHA: Ukusayina ______________ Usuku ______________



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 11 2019/04/02 11:02:24

# 7 Esikutshelwa yingaphandle lencwadi



Masikhulume

Xoxa nomngani wakho ngesikutshelwa yingaphandle lencwadi.




Masibhale

Buyekeza incwadi esihloko sithi ubudedengu buka Jabu

| | |
|---|---|
| Isihloko sencwadi | |
| Umbhali | |
| Umlingiswa osemqoka | |
| Umshicileli | |
| Yini eyenzeka endabeni? | |
| Bhala imisho emibili esitshela ukuthi kukhona ezinye izincwadi ezibhalwe ngoJabu. | |



ZUL HL G4 B1 TH1.indd 14 2019/04/02 11:02:44

Usuku:



Ake uzicabange nje unguJabu. Fingqa indaba ethi " Ubudedengu Buka Jabu" ngamagama angama-40.

Masibhale





Masibhale Qondanisa la mabizo nezichasiso eziwachazayo.

Isichasiso sichaza kabanzi ngebizo, njengokuthi intombazana enhle

| Izichasiso | -yingane | -hle | -phakeme | -namandla | -enza kancane |
|---|---|---|---|---|---|

| Amabizo | imbali | ingane | inkabi | ufudu | indlu |
|---|---|---|---|---|---|

Amagama aphikisanayo amagama anencazelo ephikisanayo, isib. omuhle - omubi





Manje-ke qondanisa amagama aphikisanayo emigqeni engezansi.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| -de | -qotho | -ncane | -hle | -nakekelayo | -thambile |
| -ningi | -ngenandaba | -fushane | -ngeqotho | -lukhuni | -bi |



Okokuzithokozisa Landela umugqa kusuka esithombeni kuya ebizweniqoqa elifanele.

Amabizoqoqa ngamagama amaqoqo abantu noma izinto, isib. Ihlukuzo lamagilebhisi

| umhlambi | umhlambi | umhlambi | umhlambi | iqulo | ihlukuzo |
|---|---|---|---|---|---|

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 15 2019/01/02 11:03:06

# 8 Bhala ngendlela efanele




Bheka isihloko sendaba maphakathi nebalazwe imininingwane. Faka-ke eminye imininingwane ngesihloko ngasinye ebhokisini ngalinye ebalazweni lemibono.

Kuleli phepha lokusebenzela sibheka ukuthi zibhalwa kanjani izigaba. Zonke izindaba zinezigaba, kanti isigaba ngasinye sidingida umqondo owodwa. Imvamisa umusho wokuqala ngumusho oyisihloko. Wethula lokho isigaba esizobe sixoxa ngakho.

**KONKE NGAMI**

**Isigaba soku-1**

Igama lami ngingu-______________

______________________________.

Iminyaka yami-________________.

Ngihlala e-____________________.

**Isigaba sesi-2**

Emndenini wakithi kunabantu

aba- __________________________.

Ngihlala no-___________________

wa/bami.

Isilwane sami esingumngani

__________________________.

**Isigaba sesi-3**

Isikole engifunda kuso __________

______________________________.

SengiseBangeni ________________.

Isifundo engisithanda kakhulu

________________________.

**Isigaba sesi-4**

Uma sesiphumile isikole ngithanda

uku-__________________________

Abangani bami ngo-____________

______________________________.

Ebusuku ngaphambi kokulala

ngi-__________________

______________________________.




ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 16 2019/04/02 11:03:28

# 9 Ikhasi lenkondlo






Funda inkondlo kuzwakale. Ngenkathi ufunda, lalela isigqi sayo, nephethini lamagama elidala isigqi. Lalela amagama ezwakale njengemisindo yezilwane.











## UKUKHULUMA KWEZILWANE

Ikati liyanyawuza,
ibhubesi liyabhodla,
Isikhova siyapopoza,
ibhele liyahonqa
Isihlonono siyanswininiza,
negundane lenzenjalo. Imvu
iyakhala kodwa mina NGIKHULUME.

Izinkawu ziyatshwekeza,
izinkomazi zibhonse,
Amadada ayagwegweza,
amajuba avukuthe,

Izingulube zinswininize,
amahhashi ayiyize,
Izinkukhu zikukuze, kodwa
mina NGIYASHO.

Izimpukane zishwaze, izinja
zigwavume, Amalulwane
ansegeze, izimpisi zihhewule,
Amaxoxo aklokloze, opholi
baklewule, Izinyosi zibhuze,
kodwa mina NGIKHULUME.

(Isuselwa kweka-A Shapiro)

Enkondlweni amagama avame ukusetshenziselwa ukuzwakala kwawo endlebeni. Lokhu kuye kubizwe ngokuthi yifuzamsindo. Ake ulingise umsindo wezilwane eziyisithupha eziphawulwe kule nkondlo. Umngani wakho akaqagele ukuthi ulingisani.




Gcwalisa izikhala ezilandelayo ngamagama ezilwane okukhulunywe ngazo enkondlweni,ebese unikeza imisindo eyenziwa yilezo zilwane.

| | | |
|---|---|---|
| ikati | | |
| nyawuza | | |
| | | |
| | | |

Manje-ke gcwalisa amagama athathwe enkondlweni enza imvumelwano nalelo olinikiwe:

| | | |
|---|---|---|
| zihhewule | ziyatshwekeza | liyanswininiza |
| baklewule | | |
| aklokloze | zigwavume | ayiyize |
| | | |




ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 18 2019/01/02 11:03:40

Usuku:

AMAGAMA MASHA


Masifunde

Manje-ke funda kuzwakale inkondlo elandelayo bese udwebela ngemibala eyahlukene amagama ahamba ngamabili anemvumelwano. Dwebela zonke izenzo ezisitshela ukuthi lwenzani ufudu. Emva kwalokho phendula imibuzo.



## UFUDWANA LWAMANZI



Kwakukhona ufudwana,
Lwaluhlal' ebhokisini,
Lubhukuda echibini
Luyokhwela ematsheni.



Lwaluzohlwith' umiyane,
Luhlwithe ngisho izenze,
Luyohlwitha uvemvane
Luze lungihlwithe nami.



Lwawubamba umiyane,
Lwalibamba nezenze,
Lwalubamba novemvane
Kwasala mina ngedwa.

C Lindsay (isuselwe)




Masibhale



| |
|---|
| Lwaluhlala kuphi ufudu? |
| |
| Lwalubhukuda kuphi ufudu? |
| |
| Lwalugibela kuphi ufudu? |
| |
| Lwalufuna ukuhlwithani? |
| |
| |
| Ufudu lwabamba ini? |
| |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 19 2019/01/02 11:03:47

# Ukubhalwa kwenkondlo





Masibhale

Qedela inkondlo ngokugcwalisa ngamagama afanele.

ingilazi | isitimela | ikilasi | ukuyithela | phandle

## Inkondlo ngami


Ngingena kweleBanga 4 __________.

Ngiphuze ujusi ngencane __________.

Ngiyajabula uma liyeka __________.

Ngikhwel' ibhayisikili, hhayi __________.

Ngoba akumnandi ukuhamba __________.





Masibhale

Zibhalele inkondlo yakho. Zama ukusebenzisa amagama anemvumelwanosigcino ekugcineni kwemigqa enezinombolo ezingelona ugweje.

Isihloko senkondlo

1. __________
2. __________
3. __________
4. __________
5. __________
6. __________
7. __________
8. __________



ZUL HL Gr4 B1 TRI.indd 20 2019/01/02 11:03:51

Usuku: ______

# Amabizosimo




Gcwalisa ngegama lomuzwa ozwakalayo ngaphakathi okhonjiswa yilobu buso. Lana ngamabizosimo.

**Bheka okungamabizosimo**

Ibizosimo yinto ongeke wayibona, noma uyizwe ngendlebe noma uyihogele noma uyithinte noma uyinambithe, njengalokhu:

ukwesaba | ukujabula | ukuthukuthela | ukudabuka



| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |




Qedela imisho elandelayo ngokugcwalisa ngamabizosimo.

**ukujabha** | **isibindi** | **ukuthukuthela** | **ukudabuka** | **ubuhlungu** | **ukwesaba**



1. UMandu wezwa ______ lapho elimala eqakaleni.
2. Wezwa ______ enhliziyweni lapho esecabanga ukuthi ngeke esadlala.
3. Wagcwala ______ ngoba engazange wabheka lapho ayehamba khona.
4. Thina sezwa ______ lapho sekufika i-ambulense izomlanda.
5. Kwathatha ______ ukuba uMandu abuye akwazi ukudlala futhi.
6. Isikole ababedlala naso sezwa ______ lapho sesehlulwa kulo mdlalo.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 21 2019/01/02 11:03:55

# Ukusebenza Kwebizo





Masifunde

Funda le ncwadi bese ugcwalisa amabizo ukuze incwadi ibe nomqondo.

- Bhala amabizoqho anosonhlamvukazi emigqeni eluhlaza satshani.
- Bhala amabizomvama angamagama ezinto ezithile emigqeni ebomvu.
- Bhala amagama angamabizosimo achaza ukuthi uzizwa unjani emigqeni eluhlaza sasibhakabhaka.



24 Steve Biko Road

Sea View

0120

2 Mashi 20____

______________othandekayo

Ngibhala le ncwadi nje ngiseholidini. Ngize lapha nodadewethu, u-______________.

Kumnandi ukubona idolobha i-______________.

Izolo sihambile sayoshaywa ngumoya wolwandle ngemva kwalokho sadlala umdlalo i-______________.

Sisuke lapho saya esitolo sayothenga ukudla.

Phela besidinga ______________, ______________, ______________ kanye ______________.

Ebusuku izolo siye ebhayisikobho siyobona ifilimu esihloko sithi "Dinosaurs in our world".

Bengizwa ______________njalo nje uma ngibona idinaso ena-______________amakhulu. Bekuzwakala sesikhala siklabalasa.

Ngemva kwalokho abehlanga ubuthongo kimi. Phele bese ngigcwele ______________ngihlaselwa nayiphupho elesabisayo.

Sizobuya kodwa ngempelasonto ezayo. Ngilangazelela kakhulu ukubuyela esikoleni.

Yimina


______________



Masibhale

Manje ake sicabange ngencwadi ojabulele ukuyifunda. Phinda uyixoxe lendaba ngemisho e-3-4.

Bhala i-SMS iye kumngani usho ukuthi ikuphathe kanjani indaba oyifundile.






ZUL HL G4 B1 TTH.indd 22 2019/04/02 11:04:02

Usuku:

# Amabizoqho



AMAGAMA MASHA




Gcwalisa imininingwane ngawe kuleli khadi. Zonke izimpendulo zingamabizoqho okumele aqale ngosonhlamvukazi.

Masibhale

## Konke ngami

| | |
|---|---|
| Ubani igama lakho? | |
| Wazalelwaphi? | |
| Wazalwa ngayiphi inyanga? | |
| Yini igama lesikole sakho? | |
| Uhlala kusiphi isifundazwe? | |
| Ngubani igama lomunye wabangani bakho? | |
| Ubani igama likathisha wakho? | |
| Sithini isihloko sencwadi oyithandayo? | |
| Yiluphi uhlelo lukamabonakude oluthanda kakhulu? | |
| Yiliphi izwe ongathanda ukuvakashela kulo? | |



Masibhale

Manje-ke kokelezela amabizoqho ezikweleni ezingezansi.
Angase abe ngamagama abantu, izindawo, izinsuku noma izinyanga.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| igoli | uveronica | umandu | elusikisiki | umkhulu |
| umsombuluko | isihlalo | ibhuku | itheku | umandla |
| icape town | imbali | umbhishobhi | imbali | udan |
| u-anna | ikhekhe | ipolokwane | ibhayisikili | ipeni |
| izicathulo | inkomazi | inkunzi | ingwe | isicathulo |
| ulwesine | u-okthoba | ujulayi | inyoni | isidleke |

Tomula amabizoqho namabizomvama akuloluhla olungenhla, uwafake ezikweleni ezifanele ngezansi.

| Amabizoqho | | | Amabizomvama | |
|---|---|---|---|---|
| Umuntu | Indawo | Isikhathi | Into | Into |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 23 2019/01/02 11:04:08

# 12 Uhambo lwesikole lwabathanda izinambuzane

Masifunde

## ISIMEMO

New Town Primary School Environmental Club

Bafundi beBanga lesi-4 abathandekayo

Uma nifuna ukufunda kabanzi ngezilwane nezinambuzane, yibani ngamalungu ale nhlangano.

### Kwenzekani ngala maholidi?


Kuhlelwe uhambo oluqondene nokuyokwazi kabanzi ngezinambuzane oluyoba ngamaholidi ezikole ku-Ephreli.

Woza uzozibonela izinyosi nezivemvane, nezintuthwane, amabhungane kanye nezintethe eGreen Valley Gardens

| | |
|---|---|
| Isikhathi : | 09:00–16:00 |
| Usuku: | OLwesithathu, 6 Ephreli |
| Indawo yokusukela: | Ikilasi leBanga lesi-4D |
| Okumele ukuphathe: | Ukudla kwasemini kwakho nesiphuzo. |

Ipeni, ibhuku lamanothi, isigqoko selanga nekhamera uma unayo.

WASHIYWA WASHIYWA!





ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 24 2019/01/02 11:04:21

Usuku:

AMAGAMA MASHA

**Masibhale** Funda isimemo futhi bese uphendula imibuzo.

Abafundi beBanga lesi-4 babemenyelwe uhambo lokwenzani?

Lolu hambo lwaluzoqala ngaluphi usuku, ngasiphi isikhathi?

Izingane kumele ziphatheni?

Kusho ukuthini ukuthi "Washiywa washiywa"?

Ungathanda yini ukuluthatha lolu hambo lwesikole? Kungani usho kanjalo?

## ISINAMBUZANE

Isinambuzane sinezingxenye ezintathu zomzimba. Sinekhanda, esingenhla kanye nesingezansi.

Ikhanda linomlomo namehlo ayinxakanxaka.
Sinezimpondo ezizwa yonke into.
Ziyathinta zilalele ziphinde zihogele.

Esingenhla.
Sinemilenze eyisithupha. Sinezimpiko ezithe ne emhlane zokundiza. Esingezansi sinakho konke.

Esikudingayo.

**Masibhale** Funda le nkondlo uphimisele. Dwebela amagama anemvumelwano ahamba ngamabili. Emva kwalokho, sebenzisa incazelo yenkondlo ukudweba isinambuzane.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 THI.indd 25 2019/01/02 11:04:33


# Luvemvane ubukuphi?






Masikhulume

Awubheke lezi zinkondlo. Yini oyibona kuzo? Zehluke kanjani kwezinye osuke wazifunda. Ngabe uyazithanda? Ngani?



Maifunde

Funda lezi zinkondlo.



## UVEMVANE OLUHLE

Vemvane oluhle

Ntokazi enhle
luvemvane kade ukuphi?

Yini sengathi lonke usuku
wena ubungabonwa
muntu?

Luvemvane oluhle
kodwa ubukuphi?

Ngikucinge ndawo zonke
esivandeni esiluhlaza.

Ubusucashephi
kubenyezela imisebe
yelanga?

Bengiqalaza ukuqhakaza
kwamaphiko akho lapha
nalaphaya.

Luvemvane
oluhle kade
ngikucinga.

Ubuntweza kuphi na?

O, ezingadini ezimbalini
ezibomvu, ezimhlophe
neziluhlaza.



## Ngijatshuliswa yibhayisikili



Usuku:

Masibhale

Manje-ke bhala eyakho inkondlo yesimo esithile esukela kule midwebo. Qala ngokucabanga ngemidwebo. Ngemva kwalokho cabanga ngemisho noma imisho ozoyisebenzisa.





Masibhale

Faka izimpawu zokuloba kule misho. Khumbula ukufaka osonhlamvukazi kumabizoqho. Sebenzisa uphawu olufanele ekugcineni kwemisho.

? ! . ,

utumi uyogubha umkhosi wosuku lokuzalwa ethekwini ngojulayi

ujabu ungukaputeni weqembu leswallows junior

ngamemeza udadewethu unomusa ngathi makame

ngithenge iphephandaba iphephabhuku incwadi kanye nepeni

ngenze isamentshisi ngoshizi inyama yenkukhu noletisi kanye nekhukhamba

mina noveronica sithanda ukuvakashela uanti lulu epolokwane

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 27 2019/04/02 11:04:52

# 15 Masicule



Hlabelelani iculo njengeqembu.

Masithokoze

**Kuthisha:**

Uma ungayazi indlela yaleli culo, cela omunye uthisha akuculele ukuze ulihlabelele nekilasi lakho.

## Ibhubesi lilele ebusuku

**Ehlathini kusebusuku**
**Lilel' ibhubesi**
**Ehlathini kuthule cwaka**
**Lilel' ibhubesi**

**Ikhorasi**

**He, ha, helele mama**

**O, uyimbube**

**Kulo muzi onokuthula**
**Lilel' ibhubesi**
**Kulo muzi kuthule cwaka**
**Lilel' ibhubesi.**

**Ikhorasi**

**Thula s'thandwa mus' ukwesaba**
**Lilel' ibhubesi,**
**Thula s'thandwa mus' ukwesaba**
**Lilel' ibhubesi.**

**Ikhorasi**







Masikhulume

Xoxela umngani wakho ngokwenziwa kuleli culo. Yisikhathi sini sosuku? Ibukeka kanjani le ndawo? Ngabe ucabanga ukuthi inokuthula? Ngabe yidolobha noma kusemakhaya? Abonakala enjani amahlathi?



ZUL HL Gr1 B1 TH1.indd 30 2019/01/02 11:05:22




Faka izimpawu zokuloba ezifanele kulesi sigaba ukuze ukwazi ukufunda ngokuthi livelaphi leli culo.

Khumbula ukusebenzisa osonhlamvukazi kumabizoqho ufake ukhefana phakathi kwamabizo awuhlu.



ngo1930 umculi ongumzulu usolomon linda waqopha leli culo okokuqala ngqa egoli

iculo walinika igama lokuthi mbube elinye igama lebhubesi

leli yiculo elidume kunawo wonke aseke avela eafrika

leli culo lembube selaqoshwa ngezilimi ezinjengesifulentshi isijaphane isipenishi nesidani

Okumele kukhunjulwe

**Amabizo ezinto ezingabaleki**

Lawa ngamabizo angenabo ubunye nobuningi:

| Ubunye | Kungakanani |
|---|---|
| ubisi | ubisi oluncane |
| ushukela | ushukela omningi |
| uwoyela | uwoyela omncane nje |
| isihlabathi | isihlabathi esincane |
| amanzi | amanzi amaningi |
| ufulawa | ufulawa omncane |
| usawoti | usawoti omncane |

| Siyahlola nje | | |
|---|---|---|
| Ngingayifunda indaba ngiyiqonde imiyalezo esemqoka ekuyo. | | |
| Ngingayiphendula imibuzo yokuqonda esuselwa kokubhaliwe. | | |
| Ngingakwazi ukusibikezela isiphetho sendaba. | | |
| Ngingabachaza abalingiswa abasendabeni. | | |
| Ngingayixoxa futhi indaba engiyifundile, izigameko zilandelane ngokufanele. | | |
| Ngingayihlela indaba ngisebenzise ibalazwe lemibono. | | |
| Ngingayibhala indaba enesiqalo nemaphakathi nesiphetho. | | |
| Ngiyakwazi ukwakha amabizomvama, amabizoqho namabizosimo. | | |
| Ngingawakhomba amabizo ezinto ezibalekayo namabizo ezinto ezingabaleki. | | |
| Ngiyakwazi ukufaka izimpawu zokuloba emishweni. | | |
| Ngingayibhala imisho eqondile noma elula nje. | | |
| Ngiyakwazi ukwakha amabizongxube ngokuxhuma amagama amabili. | | |
| Ngiyaluqonda ulwazi olubhalwe ekhaveni yencwadi. | | |
| Ngingakwazi ukuhluza indaba. | | |
| Ngiyakwazi ukukhipha ulwazi lokubhalwe endabeni noma enkondlweni. | | |
| Ngingakubikezela okuzokwenzeka endabeni ngokubuka ukulandelana kwezithombe. | | |
| Ngingayibhala indaba enesingeniso, umzimba nesiphetho. | | |
| Ngingayibhala idayari. | | |
| Ngingayibhala i-sms. | | |
| Ngingayibhala inkondlo. | | |
| Ngingawakhomba amagama ahambisana nemisindo enkondlweni. | | |
| Ngingayitomula imvumelwano enkondlweni. | | |

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr4 B1 TB1.indd 31 2019/04/02 11:05:47


# Masibhale incwadi

Usuku: ____________






Hlela ukubhala eyakho indaba. Nquma ukuthi uzoyibhala ngani indaba yakho. Gcwalisa ibalazwe lemibono lapha ngezansi ukuze indaba yakho ibe nesingeniso umzimba nesiphetho.



Ngemva kwalokhu gcwalisa ibalazwe lemibono elilandelayo.

**Uzobhala ngani?**

Ngobani abalingiswa?

______________________________

______________________________

______________________________

Chaza isimo sendawo
Indaba yenzeka kuphi?

______________________________

______________________________

______________________________

Kwenzekani?

______________________________

______________________________

______________________________

Yaphela kanjani?
Yini eyayenza indaba ibe mnandi?

______________________________

______________________________

______________________________

**Indaba yami**

**Isingeniso**
Qala ngokusho okwenzeka ekuqaleni.

______________________________

______________________________

______________________________

**Umzimba**
Shono ukuthi yini eyenzeka phakathi nendaba.

______________________________

______________________________

______________________________

**Okulandelayo**
Shono ukuthi yini eyalandela isiqalo.

______________________________

______________________________

______________________________

**Isiphetho**
Indaba yaphela kanjani?

______________________________

______________________________

______________________________



Sika ikhasi elilandelayo wenze incwadi. Ekhaveni, bhala isihloko sencwadi yakho. Faka igama lakho ngaphansi kwesihloko, ngoba phela nguwe umbhali. Dweba isithombe ekhaveni. Manje-ke bhala indaba yakho enesiqalo, isingeniso nesiphetho.

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



ZUL HL Gr4 B1 TH1.indd 32 2019/04/02 11:05:51

# Okuqukethwe



## Indikimba 2: Amaqiniso nokususelwa ekhanda


**Izinganekwane**
**Ithemu 1: Amasonto 5 - 6**

17 Umfana owayelokhu ethi "Impungushe!" 36
Ukwethulwa kwezinganekwane.
Uyayiphendula imibuzo ekhethisayo yokuhlola ukuqonda ebhekiswe endabeni.
Ingxoxo mayelana nendaba: umyalezo, abalingiswa kanye nesizinda.
Dlalani umdlalo omayelana nendaba.
Umsebenzi wokwenziwa ngamagama amasha.

18 Umfana owamemeza ethi "Umkhumbimkhathi!" 38
Dlalani umdlalo omayelana nendaba.
Ingxoxo nomsebenzi wokubhalwa mayelana nesizinda, abalingiswa kanye nesakhiwo. Ukuqhathaniswa kwezinganekwane ezimbili.
Abafundi kumele basebenzise indlela yokubhala ehambisana nohlaka ukwakha indaba yabo.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

19 Iziqalo zamagama 40
Ukwethulwa kweziphongozo kanye namagama ayimisuka.
Okushiwo yiziphongozo.
Ukuthola iziphongozo kanye nokuzisebenzisela ukuguqula okushiwo wumusho.
Ukudlala umdlalo omayelana nomkhumbimkhathi. Ukusebenzisa imisho elula kanye nesendleleni yempoqo.

20 Izisho nezijobelelo 42
Ingxoxo ngokushiwo yizaga. Ukuqondanisa izaga nezincazelo zazo.
Ukwethulwa kwezijobelelo.
Yini izijobelelo ezijwayelekile?
Ukuthola izijobelelo kanye nemisuka.
Ukusebenzisa izijobelelo ozinikiwe emishweni.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

21 Ikhasi elinemibala eminingi 44
Funda indaba.
Ingxoxo ngabalingiswa abayizilwane eziziphathisa okwabantu, isakhiwo kanye nokuthi indaba izophela kanjani.
Uphinda axoxe ngokulandelana kwezehlakalo okuthinta abalingiswa abahlukahlukene.
Amagama amasha asetshenziswe endabeni.
Dweba "ibalazwe" elimayelana nezehlakalo endabeni.
Ingxoxo yeqembu labafundi lapho liqagela khona ukuthi indaba izophela kanjani.

Fingqa indaba ulandelanise izigameko kusetshenziswa amagama ayizihlanganiso, okokuqala, kwabe, emva kwalokho nelithi ekugcineni.

22 Kwabe sekwenzekani futhi 46
Ukuqhubeka kwendaba.
Dlalani umdlalo nikhombise ukukhula kwesakhiwo.
Ukufingqa indaba kulandelwa ukulandelana kwezehlakalo.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe

23 Ukulungiselela indaba ezobhalwa 48
Ukucacisa izigaba ezahlukene zendaba bese kubhalwa indaba ngokulandelana kwezigamako kubhekwe kakhulu isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

24 Izaga 50
Ingxoxo ngezaga, ukuzicacisa nokuzichaza.
Umdlalo wamagama. Ukuthola iziqalo nezijobelelo kanye nemisuka yamagama.
Ukusetshenziswa kwamagama avela emdlalweni kwenziwe ngawo imisho.

**Isivivinyo esinemiyalelo**
**Ithemu 1: Amasonto 7 - 8**

25 Ukufunda indlela yokupheka 52
Ukufunda indlela yokwenza isaladi yezithelo.
Ukubala izindleko kanye nokuthola izithako nezitsha ezizosetshenziswa.
Ukubhala indlela yokupheka ukudla okumnandi.
Ukusetshenziswa kwezabizwana zoqobo.
Ukuthola nokukhombisa izabizwana.
Ukubhalwa kwemisho kusetshenziswa izabizwana zokukhomba.

26 Isabizwana sokukhomba 54
Ukusetshenziswa kwezabizwana zokukhomba – lokhu lokho lokhuya, lezi lezo leziya
Ukubhala imisho usebenzisa izabizwana zokukhomba.

27 Okukabani 56
Ukuthola nokusetshenziswa kwezabizwana zobumnini.
Ukukhetha izabizwana ezifanele.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.

28 Ukwakha umfanekiso wechwane 58
Ukufunda umbhalo onemiyalelo.
Ukuphendula imibuzo yokuqonda imiyalelo.
Ingxoxo ngokulandelanisa ukusebenza kwendlela yempoqo.
Ingxoxo ngezinto ezidingeka uma sekusetshenzwa.
Ukusungula imiyalelo kanye nezinto ezidingeka emdwebeni ophathelene nokwenziwa kwenkukhu ezofakwa esitsheni. Ubenzisa indlela yokwakha uhlaka lwemiyalelo.

**Umbhalo oqukethe ulwazi**
**Ithemu 1: Amasonto 9 - 10**

29 Zithini izindaba? 60
Ukufunda indaba ephephandabeni. Bheka kakhulu izihloko ngokwemigqa yokubhaliwe, usuku, isigatshana esiyisingeniso kanye nokusetshenziswa kwemidwebo nezihlokwana.
Phendula imibuzo ngencazelo kanye nangokulandela imithetho.
Ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba kanye neziphetho.
Uyakwazi ukusebenzisa izivumelwano.


30 Ukwethula izindaba 62
Uyazilungiselela enze uhlaka lwendaba yephephandaba esebenzisa amagama awakhethe yena wayesewafinyeza.
Ukwazi ukuhlanganyela neqembu kuxoxwe ngendaba.
Uyayisebenzisa inqubo yokubhala. Uyakwazi ukubhala izindaba esebenzisa inkathi edlule.
Uyazibhala izindaba zephephandaba esebenzisa izindlela ezaziwayo zokwethula izihloko ngemigqa efanele, njll. Uyazilungiselela ethule inkulumo ebhekiswe odabeni olusephephandabeni.
Uyabusebenzisa ubuningi.
Uyawabhala amagama amasha nezincazelo esichazamazwini sakhe.


31 Ukwethula inkulumo 64
Amasu okwethula inkulumo elungiselelwe.

32 Bhala indaba 66
Ukuhlela ukubhalwa kwendaba emayelana nabalingiswa, isakhiwo, isizinda kanye nesiphetho.
Ukubhala indaba ezikhaleni ezilungisiwe ezizosikwa kamuva.







# Umfana owayelokhu ethi "Impungushe!"






Yinganekwane lena. Izinganekwane yizindaba ezazixoxwa ngezikhathi zakudala. Azibhalwanga phansi, kwakuxoxwa kuphela. Zazidlulela kwabanye abantu ngokuxoxwa. Sonke sinazo izinganekwane esizaziyo, njengeyoFudu noNogwaja, uNanana Boselesele, iMpungushe neGwababa, nezinye. Iningi lezingwanekwane linesifundo esijulile.

Kwasukasukela! Cosu!
Ngelinye ilanga kwakunomfana owayeneminyaka eyi-10. Nsuku zonke wayaye athathe izimvu ayozelusa zidle utshani. Zonke izinsuku wayeye ahlale ngaphansi kwesihlahla entabeni azibuke ziwumhlambi laphaya. Ekugcineni wezwa engasaphathekile kahle. Wasuka wamemeza wathi, "Impungushe! Impungushe! Impungushe isukela izimvu!"

Bezwa abantu, beza begijima entabeni. Kodwa uma befika bathola ukuthi akukho mpungushe esukela izimvu. Bathola umfana kuphela elusile, ebahleka ukuthi bezele ubala.

"Yekela ukumemeza uthi kunempungushe ingekho!" basho bemthethisa umfana abantu. Ngaleso sikhathi babebuyela emuva.

Ngosuku olulandelayo, wamemeza futhi umfana, "Impungushe! Impungushe! Sizani! Impungushe isukela izimvu!"

Babuya futhi abantu beza entabeni ngamajubane bezolekelela umfana.

Bathola umfana eyedwa futhi kungekho mpungushe, bathi, "Mfana omncane, musa ukumemeza ufune usizo kungekho lutho olungahambi kahle. Yekela ukumemeza uthi kunempungushe ingekho!"

Wahleka inhlinini umfana ebabona bekhononda bebuyela emuva futhi.

Emva kwezinsuku ezimbalwa umfana wabona impungushe ihamba inuka, ifuna izimvu. Wethuka wamemeza kakhulu, "Impungushe! Impungushe! Impungushe isukela izimvu!"

Abantu bavele bazithulela bebona ukuthi ubenza izilima. Akekho owakhuphuka weza kuye ukuzomsiza.

Ntambama bamangala ukubona umfana engabuyi nezimvu. Bahamba baya entabeni beyomfuna. Bamthola ehlezi phansi ekhala.



"Bathola ukuthi iye yafika impungushe yadla izimvu ezimbalwa yabaleka futhi. Ngiye ngamemeza ngifuna usizo, akekho umuntu oye weza," kuthetha umfana.

Kukhona abantu ababelokhu bemduduza umfana sebebuyela emuva ekhaya.

"Sizokusiza ekuseni ukuthi weluse izimvu," kusho lo muntu embamba emsondeza kuye emduduza. "Kodwa yekela ukuqamba amanga, uma wenza kanjalo, akekho umuntu ozoza… noma seyifike ngempela impungushe!"
Cosi Cosi lyaphela



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 36 2019/04/02 11:00:34

Usuku:




Masikhulume




Kungani kungafikanga muntu kumfana?

Dlalani umdlalo ngale ndaba. Nizodinga ukuthi kube nomfana, impungushe kanye nezimvu nabantu.










Sisebenza ngamagama

Thola la magama.

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| u | m | h | l | a | m | b | i | n | d |
| d | g | u | s | b | i | l | s | g | e |
| b | e | m | d | u | d | u | z | a | m |
| i | m | p | u | n | g | u | s | h | e |
| u | i | d | n | t | d | n | u | l | m |
| d | l | i | g | u | u | g | i | d | e |
| i | n | h | l | i | n | i | n | i | z |
| g | d | n | i | a | m | a | n | g | a |

- umhlambi
- impungushe
- bemduduza
- ememeza
- amanga
- inhlinini



Masibhale

Funda le mibuzo bese ukokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo efanele.

| Wayememezelani umfana athi, "Impungushe"? | |
|---|---|
| A | Wayenesizungu efuna ukuthi abantu bamnake. |
| B | Wayecabanga ukuthi kunempungushe. |
| C | Ukuqamba amanga. |
| D | Wayefuna ukwethusa impungushe. |

| Kungani abantu bengazange beze umfana ememeza? | |
|---|---|
| A | Babesebenza emapulazini abo. |
| B | Babecabanga ukuthi uqamba amanga futhi. |
| C | Abazange bamuzwe. |
| D | Babefuna ukuthi impungushe idle izimvu. |

| Yisiphi isihloko kwezilandelayo esifanele le ndaba? | |
|---|---|
| A | Usuku impungushe eyadla ngalo izimvu |
| B | Umfana owayelusa izimvu |
| C | Umfana owacela usizo |
| D | Usuku oluhle entabeni |

| Yisiphi isifundo esikule ndaba? | |
|---|---|
| A | Uma ufuna usizo akekho umuntu ozokusiza. |
| B | Ungabobanga umsindo omkhulu. |
| C | Uma uvama ukuqamba amanga, akekho umuntu ozokukholwa noma sewukhuluma iqiniso. |
| D | Ubothembeka. |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B1 TH2.indd 37 2019/01/02 11:00:38

# Umfana owamemeza ethi "Umkhumbimkhathi!"





Masifunde

UThabo wayethanda ukunakwa. Wayelokhu ememeza umndeni nabangani ethi mabazobona umkhumbimkhathi ayethi uyawubona. "Wozani nizobona," kusho yena. "Wozani nozobona umkhumbimkhathi!" kumemeza umfana, noma athi "Sizani, kukhona into endizayo engaziwa evela esibhakabhakeni!"

Njalo uma ememeza uThabo abantu bebegijima besuka edolobheni elincane bazobona umkhumbimkhathi. Babeye bafike bangaboni lutho. "Uhambile!" wayesho etshela bonke abantu.

Wakwenza lokhu okokuqala uThabo; wakwenza okwesibili, okwesithathu – wakwenza kaningi.

Ngelinye ilanga, wawubona ngempela umkhumbimkhathi. "Sizani," ememeza, "umkhumbimkhathi ufikile, uhlezi ensimini. Sizani, sizani! Wozani nonke!"

Akukho muntu oweza.

Kulowo mkhumbimkhathi kwaphuma inunu eluhlaza eyesabekayo yathi kuThabo, "Ngisize! Ngifuna uphethiloli kanye nokudla ngiyonika umndeni wami. Abantabami bafuna ukudla masinyane! Siza siphe amakhasi ezihlahla amaningi!"

"Sizani!" kumemeza uThabo. "Kunabantu abangaziwa abalambile!"


Akukho muntu oweza.

Wagijima uThabo eyofuna amakhasi ezihlahla nophethiloli egalaji likaphethiloli. Wabonga umuntu oluhlaza.

Wakhathala uThabo walala phansi enhlabathini ngenkathi umkhumbimkhathi usuka undiza unyamalala.

"Yini leyo, Thabo?" kubuza unina ebona umkhumbimkhathi undiza unyamalala.

"Akuzungisiza ngalutho ukukutshela, mama," kusho uThabo, enikina ikhanda. "Ngeke ungikholwe."





ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 38 2019/04/02 11:00:40

Usuku:



Masikhulume

Lungisani le ndaba kube nabalingiswa njengoba bevela endabeni.

Ifana ngani le ndaba nendaba "Yomfana owamemeza ethi 'Impungushe!'"?




Masibhale

Buka izindaba zombili bese ugcwalisa ithebhula.



| Indaba | Ngubani umlingiswa oqavile? | Uthini ngesakhiwo? | Uthini umyalezo wale ndaba? |
| --- | --- | --- | --- |
| Umfana owamemeza wathi "Impungushe!" | | | |
| Umfana owamemeza wathi "Umkhumbimkhathi!" | | | |



Masibhale

Manje bhala indaba ecishe ibe ngamagama ayi-120 ngomfana noma intombazane eyakhala icela usizo.
Qala ngokubhala umzamo wokuqala bese ucela umngani wakho akubhekele amaphutha. Manje yibhale ephepheni elihle kulesi sikhala esingezansi.



| | |
| --- | --- |
| Isihloko sendaba yakho | |
| Umemeza uthini umfana noma amantombazana yakho? | |
| Kwenzekani ngelinye ilanga ememeza kungaphenduli muntu? | |
| Kwaba yini umphumela walokho? | |
| Uthini umyalezo wendaba yakho? | |





UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 39 2019/01/02 11:00:47

# 19 Iziqalo zamagama



Isiqalo sivame ukuguqula incazelo yegama.

## Yini isiqalo segama



Isiqalo akulona igama eliphelele. Yingxenye yegama engasekuqaleni kwegama eliphelele, kanti ingxenye elenza liphelele yona ibizwa ngesiqu.
Uma sifaka isiqalo segama kuba khona incazelo entsha egameni lelo. Lapha sizobhekisa eziqalweni zamabizo.



Masenze

Buka lesi sibonelo. Kwenzekani uma uhlanganisa isiqalo nesiqu segama? Lisho ukuthini igama elisha?

| isiqalo | isiqu segama |
|---|---|
| u- | -mama |

Iziqalo zamabizo zingaveza ubunye nobuningi.


| Isiqalo | Incazelo |
|---|---|
| u- | ubunye |
| o- | ubuningi |
| isi- | ubunye |
| izi- | ubuningi |
| aba- | ubuningi |



Masibhale

Zungelezela iziqalo kula magama alandelayo. Dwebela isiqu segama.

isisu | umuntu | izinkwa | iso | izinti | umuthi | amasondo | onogwaja | isango | ilanga | ogogo | amafu



Masibhale


Faka iziqalo ezimbili kulezi ziqu bese usho ukuthi isiqalo ngasinye sesinamuphi umqondo.

-buko

____________________

-kati

____________________





ZUL HL G4 B1 TH2.indd 40 2019/01/02 11:00:51

**AMAGAMA AMASHA**

-fana

-mpungushe

-ntaba

**Masizijabulise** Dlala umdlalo womkhathi. Sebenzisa idayisi kulo mdlalo, qala kunombolo 1.






ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 41 2019/01/02 11:00:53

# 20 Izisho nezijobelelo




Dweba umugqa uqondanise isisho nencazelo yaso esikweleni esingakwesokudla .

> Izisho amagama abeka inkulumo kafushane ngamagama anembayo

| | |
|---|---|
| Ukusika eljikayo. | Ukuba muhle. |
| Ukuba ngulanga phuma sikothe. | Ukweba. |
| Ukuthatha ngozwani. | Ukuphawula uma kukhulunywa. |
| Ukuba ngamathe nolimi. | Ukuzondana. |
| Ukuba yinkukhu nempaka. | Ukuthandana. |



## Ziyini izijobelelo?

Izijobelalo ingxenye yegabejotshelelwa emva kwesiqu. Zingayiguqula incazelo yegama

Isibonelo: indodakazi-indodana









ZUL HL Gr1 B1 TH2.indd 42 2019/04/02 11:00:58

Usuku:



Masibhale

Kokelezela isijobelelo emagameni alandelayo.

ukubonana | impushana | ihlathikazi | ikhadlana | intshetshana | umzana | injakazi | isihlahla | indojeyana | ukudlula | imbuzana | esakeni | inkomazi | esikoleni | idanyana | umntwana | uhambo

Khetha amagama amahlanu kulawa angenhla uwasebenzise emishweni.

Jobelela u-eni emagameni owanikiwe ebese uwasebenzisa emishweni ofanele.

| | |
|---|---|
| isiziba | Babhukuda ________________________. |
| idolobha | UZinhle ukha amanzi ________________________. |
| umfula | Ubuyisele imali ________________________sokunxele. |
| isandla | Bhala impendulo ________________________osinikiwe. |
| isikhala | Ngizofaka usawoti ________________________kwami. |
| ukudla | Bathenge izimpahla ________________________. |



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 43 2019/01/02 11:01:01

# Iqabunga elinemibala eminingi



**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**


- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

Masifunde

Ezinganekwaneni eziningi izilwane ziziphatha njengabantu. Funda le ndaba ulalele abalingiswa abayizilwane.









Kwasukasukela! Cosu! Kwakunesihlahla esivandeni. Umoya waqala wavunguza. Lanyakaza ikhasi elilodwa esihlahleni.

Lawa. Lehla kancane kancane kancane liya phansi laze lahlala otshanini ngaphansi kwesihlahla.

Ikati lalihlezi otshanini. "Sawubona qabunga eliluhlaza," kusho ikati. "Ngicela ukudlala nawe."

Qabunga lithe uma licabanga ukuvuma, umoya waliphephula futhi. Sh……sh! Kwasho umoya uvunguza udlula, waliphakamisa iqabunga walisa phezulu esibhakabhakeni. Wahamba nalo indawo ende. Lawa futhi lahlala eduze nomgwaqo.

"Sawubona iqabunga eliphuzi," kusho inyoni iseduze komgwaqo. "Uyathanda ukuhlala nami?"

"Ngiyamangala," kusho iqabunga elincane. "Ikati lithe ngiluhlaza. Manje inyoni ithi ngiphuzi. Kazi empeleni ngimbala muni?"

Lathi iqabunga uma lithi liyabuza enyonini ngombala walo, kwafika umoya waliphephula futhi. Sh……sh! Kwasho umoya uvunguza udlula, waliphakamisa iqabunga walisa phezulu esibhakabhakeni. Wahamba nalo indawo ende. Lawa futhi lahlala ensimini.

Kwakunezinkomo ensimini zidla utshani.

Eyodwa yeza yafika yalibuka iqabunga. Yathi, "Mo! Sawubona, iqabunga eliwolintshi."

"Kuyamangaza," kusho ikhasi elincane. "Ikati lithe ngiluhlaza, inyoni yathi ngiphuzi. Inkomo manje ithi ngiwolintshi. Kazi empeleni ngimbala muni?"

Lathi iqabunga uma lithi liyabuza enkomeni, umoya wavunguza futhi. Sh……sh! Kwasho umoya uvunguza udlula, waliphakamisa iqabunga walisa phezulu esibhakabhakeni. Wahamba nalo indawo ende. Lawa futhi lahlala phezu kwentaba.



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 44 2019/01/02 11:01:13

Usuku: ____________

AMAGAMA AMASHA




**Masikhulume**

Yini eyabangela iqabunga ukuthi liwe esihlahleni?
Lenza kanjani iqabunga ukuthi lisuke esilwaneni liye kwesinye?
Kungani umbhali esebenzisa igama elithi "sh….sh"?
Zikhona ezinye izindaba ozaziyo ezinezilwane ezikhulumayo?
Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani futhi endabeni?
Ucabanga ukuthi indaba izophela kanjani?



**Masenze** Dweba indlela ehanjwe iqabunga lisuka esihlahleni liya enkomeni.



**Masibhale** Chaza isithombe sakho usebenzisa amagama athi "okokuqala …", "kwabe se-", "emva kwalokho …" nelithi "ekugcineni …".

| |
|---|
| Okokuqala iqabunga la- |
| |
| Labe se- |
| |
| Emva kwalokho... |
| |
| Ekugcineni... |
| |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 45 2019/01/02 11:01:22

# 22 Kwabe sekwenzekani futhi




Make sibone ukuthi indaba iphela kanjani.







Lahlala phansi iqabunga okwesikhashana. Kwafika imbuzi. "Sawubona khasi elincane elibomvu," kusho imbuzi. "Sizohlala nawe lapha entabeni kusukela manje?"

"Kuyamangaza," kusho iqabunga elincane. "Ikati lithe ngiluhlaza, inyoni yathi ngiphuzi, inkomo yathi ngiwolintshi. Manje imbuzi ithi ngibomvu. Kazi empeleni ngimbala muni?"

Lalala phansi iqabunga lathula. "Sawubona, iqabunga elinsundu," kusho ingulube. "Ngicishe ngakudla. Ulethwe ngumoya lapha?" "Kuyamangaza," kusho iqabunga elincane. "Ikati lithe ngiluhlaza, inyoni yathi ngiphuzi, inkomo yathi ngiwolintshi, imbuzi yathi ngibomvu. Manje ingulube ithi nginsundu. Kazi empeleni ngimbala muni?"

Walibona iqabunga umfana walicosha. "Bheka bo," esho kunina. "Ieli iqabunga linombala wegolide. Bona namanye amaqabunga, aluhlaza, amanye aphuzi, amanye awolintshi, amanye abomvu, amanye ansundu namanye asagolide." "Yebo," kusho unina. "Lidlulile ihlobo, amaqabunga anombala wekwindla."

Cosu! Cosu! Iyaphela




Lingisani le ndaba nesebenzise abalingiswa njengoba bevela endabeni

Usuku: ____________

Masibhale

Likhulume nezilwane ezingaki iqabunga? Yenza uhla lwazo bese usho ukuthi isilwane ngasinye sitheni ekhasini.

| Isilwane | Sitheni eqabungeni? |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |
| 4 | |
| 5 | |

Utheni umfana ngombala weqabunga?

______________________________

______________________________

Umama utheni ngombala weqabunga?

______________________________

______________________________

Iyiqiniso le ndaba uma ubheka? Usho ngani?

______________________________

______________________________

Yenzeka ngayiphi inyanga le ndaba ngokubona kwakho? Usho ngani?

______________________________

______________________________

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 47 2019/01/02 11:01:53

# 23 Ukulungiselela indaba ezobhalwa



Masikhulume

Phindela endabeni yeqabunga.

- Yisho ukuthi indaba iqale kanjani.
- Yisho ukuthi iphele kanjani.



Masibhale

Dweba isithombe esiveza ukuthi indaba iqale kanjani ubhale isigatshana sesingeniso sendaba.

Bhala umzamo wokuqala ephepheni nje bese ucela umngani akufundele yona alungise amaphutha. Emva kwalokho yibhale ekhasini elihle esikhaleni esingezansi. Indaba yakho kufanele ibe namagama alinganiselwa kwayi-120 – 140.




ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 48 2019/04/02 11:02:01



Masifunde

# Indlela yokwenza isaladi yezithelo



### Izithako

- 2 ama-aphula
- 2 ubhanana
- 1 iwolintshi
- 2 izinkezo ezincane zikashukela
- 1 uphopho
- 1 uphayinaphu

### Indlela yokwenza


1. Cwecwa ama-aphula uwasike abe yizingcezu.
2. Qoba ubhanana.
3. Cwecwa uphopho uwusike ube yizingcezu.
4. Cwecwa uphayinaphu uwusike ube yizingcezu.
5. Kufake esitsheni ukuhlanganise.
6. Khama iwolintshi.
7. Faka ijusi yewolintshi kusaladi yakho.
8. Fafaza ushukela phezulu.



Imiyalelo isebenzisa igama eliphoqayo



Masibhale Malini ozoyidinga ukwakha le saladi yezithelo?



| | amaRandi | amaSenti |
|---|---|---|
| Yi-R1,50 kukunye | | |
| Ama-R2,00 kukunye | | |
| Ama-R6,00 kukunye | | |
| Ama-R4,00 kukunye | | |
| | | |
| Isamba | | |



Masikhulume

Yini oyenza emva kokuqoba ubhanana?

Yini oyenza emva kokufafaza ushukela phezu kwesaladi?

Yisho ukuthi uzosebenzisa zitsha zini ukwenza le saladi. Kubhale phansi konke.

| |
|---|
| |
| |
| |

Usuku:



## Masibhale

Bhala indlela yokwenza itiye.







Indlela yokwenza …

Izithako

| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |

Indlela yokwenza

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |
| |



## Masenze

Funda umusho ngamunye, bese ukokelezela isabizwana ongasisebenzisa esikhundleni sebizo elibhalwe ngokubomvu.

**Intombazane ihlala eThekwini.**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yena | yona | zona | thina | bona |

**Umfana udlala ibhola.**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yena | yona | zona | thina | bona |

**UJabu noPhika bathanda ibhola lezinyawo.**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yena | yona | zona | thina | bona |

**Inja ithanda ukubhukuda.**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yena | yona | zona | thina | bona |



Isabizwana yigama esilisebenzisa esikhundleni sebizo.

# 26 Isabizwana sokukhomba



Masibhale


Qedela imisho elandelayo ngezabizwana zokukhomba ezifanele.

Isabizwana sokukhomba sikhomba ukuthi into ikude kangakanani nokhulumayo. Sithi **lokhu** uma into iseduze. Sithi **lokho** uma into ibuqama. Sithi **lokhuya** uma into ikude.

| | eduze | buqama | kude |
|---|---|---|---|
| **ubunye** | lesi | leso | lesiya |
| **ubuningi** | lezi | lezo | leziya |



__________ yibhantshi lami.



__________ yinyanga.




__________ wumgwaqo.




__________ yisikebhe.



__________ wumgwaqo uBiko.



__________ yibhayisikili lami.



Masibhale

Zakhele imisho emine usebenzise isabizwana sokukhomba.



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 54 2019/04/02 11:03:01

Usuku: ____________


Qedela imisho elandelayo ngezabizwana zokukhomba ezifanele




__________ yikati.



__________ yingubo.



__________ amakati.



__________ yimoto kathisha.



__________ yizinkanyezi.



__________ yizimoto.



**Masibhale** Gcwalisa ezikhaleni ngesabizwana sokukhomba esifanele.

| | Eduze | Buqamama | Kude |
|---|---|---|---|
| 1.Indishi | | | |
| 2.Izinkomishi | | | |
| 3.Ujusi | | | |
| 4. Ubhanana | | | |






ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 55 2019/01/02 11:03:24



Masibhale

Dwebela ongumnini emishweni elandelayo.




| | |
|---|---|
| Yibhayisikili **lakhe**/**yena**. | Ukudla/**kwakhe**/**yena**. |
| Yimoto **yabo**/**bona**. | Ukufa/**kwabo**/**bona**. |
| Yipeni **lakho**/**wena**. | Ukuhlala/**kwakho**/**wena**. |
| Yisikole **sethu**/**thina**. | Ukugula/**kwethu**/**thina**. |
| Yibhantshi **lakhe**/**yena**. | Ukudla/**kwayo**/**yona**. |
| Wucingo **lwakho**/**wena**. | Ukukhwehlela/**kwami**/**mina**. |
| Yinja **yami**/**mina**. | Yinja **yami**/**mina**. |



Masibhale

Qondanisa umusho okwesokunxele onesabizwana songumnini nonesabizwana sokukhombisa ebhokisini elisesandleni sokudla.



| | |
|---|---|
| Yimoto yethu lena. | Eyami. |
| Yibhayisikili likaNomsa. | Ezakhe. |
| Yinja yami lena. | Elakhe. |
| Yizincwadi zomngani wami lezi. | Ezakhe. |
| Yiyembe likaThabo leli. | Eyethu. |
| Yizincwadi zakho lezi. | Elakhe. |



Ubumnini yigama elisho ukuthi into ngekabani.



Sebenzisa ongumnini eduze nemisho efanele.

Sebenzisa la magama azokusiza.

ngolwakhe | ngeyakhe | ngezakhe | ngeyethu | ngelawo

Yimoto kaJona. Ngeyakhe.

Yingubo kaMimi lena. Nge- __________.

Yimoto yethu lena. Nge- ____________.

Wucingo lukaThabo lolu. Ngo- _______.

Yizincwadi zomfana lezi. Nge- __________.

Wucingo lukaJimi lolu. Ngo- _____________.

Yipulazi lomndeni wami leli. Nge- __________.



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 56 2019/01/02 11:03:36

Usuku:





Dwebela ongomnini emishweni elandelayo.

| |
|---|
| Mina nomndeni wami asihlali eBisho. |
| UMariya akawenzi umsebenzi wasekhaya ebusuku. |
| Inja yethu ayiyidli inhlanzi. |
| Awunakudlala ibhola lami ntambama. |
| UJabu akabhukudi esikoleni sakhe. |
| Abantwana abawathandi ama-aphula. |
| Mina angimfuni umngani wakhe. |
| Mina nomfowethu asilali endlini yethu. |




Siza uJimi athole indlela eya ekhaya. Landela indlela ekhonjiswa yilapho kubheke khona ibhayisikili ukumsiza adlule kulesi siphithiphithi.




UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 57 2019/01/02 11:04:50

# Ukwakha umfanekiso wechwane






Funda imiyalo bese uchazela umngani wakho ukuthi lenziwa kanjani ichwane elifana naleli.




## Izinto ozidingayo


Iwuli yokwakha amajezi

1 ipayipi lokuhlanza noma okokuxhumanisa

Umfanekiso wamehlo,umlomo nezinyawo ezisikwe amakhasini ezinto ezisikwayo.

Okokunamathisela nesikele






## Indlela yokwenza

1 Dweba iziyingi ezinkulu, kumele zifane, uzidwebe emakhadibhodini. Zisike uzikhiphe.

2 Dweba iziyingi ezincane phakathi kwezinkulu. Zisike uzikhiphe kusale izimbobo ezinkulu phakathi nendawo eziyingini ezinkulu.

3 Hlanganisa iziyingi, zigoqe ngewuli ephuzi uyichushise embotsheni ephakathi nendawo uphumele ngaphandle zize zembozeke iziyingi. Sebenzisa izintambo ezimbili noma ezintathu zewuli ukuze kwembozeke masinya.

4 Sebenzisa isikele ukusika iwuli onqenqemeni lweziyingi zombili.

5 Faka ipayipi noma okokuxhumanisa phakathi nendawo wakhe imilenze yechwane.

- Beka izinqamu zewuli phakathi nekhadibhodi eziyingini bese ubopha kuqine. Yenza amafindo amabili bese ususa amakhadi.
- Yenza ichwane elincane ezimbotsheni ezimbili ezincane. Phinda imiyalelo ngendlela efanayo, kodwa manje leli chwane alizudinga ukuba nemilenze.

## Yakha ichwane lakho.

6 Hlanganisa amachwane ndawonye ngeglu.

7 Gobisa ipayipi noma okokuxhuma wenze imilenze emibili yechwane.

8 Sika izinyawo, amehlo nonoqhwaku ekhasini lezinto ezisikwayo ekugcineni kule ncwadi.

9 Kunamathisele konke lokhu echwaneni ngeglu.




| | |
|---|---|
| Liphe igama ichwane lakho. | |
| Yini oyidingayo uma uzokwakha ichwane? | |
| Ukudingelani okokunamathisela | |

A

# IZINDABA ZABANTWANA

Usuku

22 kuMbasa 2015

Igama lephephandaba

Izihloko

## Umntwana oneminyaka eyi-11 ushicilele incwadi yokupheka

*UMdu Zikhali* Intatheli



Isigatshana esiyisingeniso

UJazi Mthembu ufana nje nabanye abantwana abaneminyaka eyi-11 ubudala. Udlala konke okudlalwayo, ibhola, nokunye; uthanda nokupheka.

Kodwa uJazi useke wahlupheka elwa nokwelapha isifo esibuhlungu anaso, kumanje ushicilele incwadi yakhe yokuqala yokupheka esihloko sithi "Ziyaphenduka Ekhishini".

UJazi uqale ukuthanda ukupheka eneminyaka eyisithupha kade esehlale isikhathi eside esibhedlela. Ngaleso sikhathi wayeye abukele umabonzkude wase sibhedlela, okuyilapho athola khona ukuthi kunesiteshi esikhuluma ngokupheka. Waqala ukubhala phansi izindlela zokupheka esesesibhedlela, kwase kuthi uma ephuma eya ekhaya, waqala ukuhlola ukuthi ziyasebenza yini lezo zindlela

Incwadi kaJazi ithengisa ngobuningi emhlabeni wonke. Usenikele ngemali eningi ezinhlanganweni ezisiza abantwana abahluphekile nabagulayo.



Masikhulume

Funda indaba eku-A neku-B. Eqenjini lakho, khulumani ngalezi zindaba. Khulumani ngezimpendulo zale mibuzo.

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezelale ndaba imayelana nani?
- Funda wedlulise amehlo ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.

| |
|---|
| Zithini izihloko? Zikuheha kangakanani wena? |
| Yini esesigatshaneni sokuqala, uheheka kangakanani yilokhu okubona kuso? |
| Indaba ngayinye imayelana nani? |
| Indaba ngayinye ikhuluma ngasiphi isehlakalo? |





ZUL HL G4 B1 TH2.indd 60 2019/01/02 11:05:15

Usuku:

B

# Sanqoba futhi isikole iNhlanhleni

8 kuNdasa 2015

*Bheki Phakati*


Ibanga lesi-4 labantwana basesikoleni iNhlanhleni linqobe umqhudelwano woSuku Lomhlaba Lwezincwadi izolo. Laba bantwana baye bafundela abantwana beBanga loku-1 nelesi-2 izindaba zabo ngosuku lwesikole.

Umntwana ngamunye kubona laba beBanga lesi-4 bafundele abamabanga aphansi indaba ngamunye. Bebebaphathele bona uqobo lezi zincwadi zezindaba. Ezinye zazo zikhishwe ngabashicileli mahhala. Bazithandile lezi zincwadi abantwana bamabanga aphansi, ikakhulu abeBanga loku-1 nelesi-2. Abaningi babo baphuma emakhaya ahluphekayo ngakho abanazo.

**Izincwadi zokufundwa emakhaya.**

Amantombazana amabili enza Ibanga lesi-4 anqobe umqhudelwano Wokudweba. Abanqobile ngoBongi Dube noMary Smit, banqobe ngezincwadi zabo eziyi-10 eziqukethe ulwazi olungajwayelekile.

UBongi Dube noMary Smith abanqobi bomncintiswano wokudweba.







**Masibhale**

Sebenzisa lezi zimpawu zokuloba (?, !) emshweni elandelayo.

| | |
|---|---|
| Unalo ipeni lokubhala isivivinyo | Uthini ngale nkinga |
| Sewuyifundile incwadi kaJazi | Ikhalaphi inkunzi yenja, sizwa ngezwi |
| We mfana, woza lapha | Uzoba khona emhlanganweni ngoMgqibelo |
| Makhosi | Ubengaphesheya komfula ngenkathi ethi, "Wozani phela" |

Umbuzi (?) uphawu olusebenza uma sibuza.
Umbabazi(!) uphawu olusebenza uma sibabaza.
Isibonelo: Ufuna bakuthengeleni ngosuku lwakho lokuzalwa?
Masigijimeni, seyizokhala insimbi yesikole!

Faka izimpawu ezifanele kule misho elandelayo

Wo! UJazi ubhale incwadi ethengisa kakhulu

Namuhla bekuwuSuku Lwezincwadi Emhlabeni

Ngubani onqobile wathola umklomelo

Sinqobe kanjani isikole iNhlanhleni



UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 61 2019/04/02 11:05:24

# Ukufunda izindaba





Masenze

Sebenza nomngani wakho nibhale isiqephu sephephandaba mayelana nokunqoba kwesikole senu. Isiqephu sakho kufanele sibe namagama angaba ngama-60 – 80.

Thola isihloko enizobhala ngaso. Bhala isihloko sesiqephu phakathi nendawo ebalazweni lemibono bese ugcwalisa izinto ezine ozobhala ngazo emabhokisini amane. Ungalisebenzisa ibalazwe lemibono ukuthola uhlaka lokubhala isiqephu sephephandaba.



1

2




Udaba lwephephandaba lunesihloko esithi:



3

4



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzano wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 62 2019/01/02 11:05:36

# 31 Ukwethula inkulumo




Ukuhlelela ukwethula inkulumo elungiselelwe.

Sebenzisa lokhu, kuzokusiza.



## AMASU OKULUNGISA INKULUMO

- Isethulo sakho masibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho.
- Kumele izehlakalo zilandelane ngokufanele.
- Khumbula ukukhuluma iqiniso.
- Sebenzisa izwi elifanele.
- Qiniseka ukuthi uyezwakala.
- Khuluma kuzwakale kucace.
- Zibheke izethameli.




Yenza amanothi amafushane azokusiza.



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 64 2019/04/02 11:05:49

Usuku:



**Masibhale**


Bhala amagama abe sebuningini ezikhaleni ezinikeziwe emabhokisini.


**1**
umntwana
oyedwa


____________ ababili


**2**
izinyo
elilodwa


____________ amabili


**3**
idada
elilodwa

____________ amabili

**4**
unyawo
olulodwa

____________ ezimbili

**5**
utamatisi
owodwa

____________ ombili


**6**
Izambane
elilodwa

____________ amabili


**7**
umango
owodwa

____________ ababili


**8**
imvu
eyodwa

____________ ezimbili

**9**
indoda
eyodwa

____________ amabili


**10**
inkosikazi
eyodwa

____________ amabili

**11**
inhlanzi
eyodwa

____________ ezimbili

**12**
igundane
elilodwa

____________ amabili

**13**
izwe
elilodwa

____________ amaningi

**14**
ingane
eyodwa

____________ ezimbili

**15**
amantombazana
eyodwa

____________ amabili


**16**
impungushe
eyodwa

____________ ezimbili

umntwana o-1, amazinyo a-2, amadada a-3, izinyawo ezi-4, otamatisi aba-5, amazambane a-6, omango aba-7, izimvu ezi-8, amadoda a-9, amakhosikazi a-10, izinhlanzi ezi-11, amagundane a-12, amazwe a-13, izingane ezi-14, amantombazana a-15, izimpungushe ezi-16.

## Ngiyahlola nje

| Engikwazi ukukwenza | 🙂 | 🙁 |
|---|---|---|
| ukufunda inganekwane. | | |
| ukufunda incwadi yokupheka. | | |
| ukufunda imiyalelo. | | |
| ukufunda udaba lwephephandaba. | | |
| ukuthola izihloko, umugqa nomugqa, nesingeniso. | | |
| ukulungiselela ukubhala indaba. | | |
| ukulungiselela ukubhala imiyalelo. | | |
| ukulungiselela ukubhala indlela yokupheka. | | |
| ukuqagela izindaba neziphetho zazo. | | |
| ukudlala indaba njengomdlalo wasesiteji. | | |
| ukuthola, isakhiwo, isizinda kanye nabalingiswa. | | |
| ukusebenzisa iziqalo nezijobelelo. | | |
| ukusebenzisa amabizoqho kanye nezabizwana zokukhomba. | | |
| ukusebenzisa izimpawu zokubhala. | | |
| ukusebenzisa iziphetho ezifanele emishweni. | | |



UTHISHA: Ukusayina __________ Usuku __________



ZUL HL Gr4 B1 TH2.indd 65 2019/01/02 11:06:08

# Bhala indaba







Masibhale

Khuluma nomngani ngendaba ofuna ukuyibhala.

Gcwalisa imibono yakho kuleli khasi.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umgqakazo
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emgqakazweni
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.




Yenza incwadi yakho yokupheka. Sika ikhasi elilandelayo encwadini. Landela imigqa yamachashazi. Goqa ikhasi ulandele imigqa. Bhala isihloko sencwadi ekhaveni. Bhala igama lakho ngaphansi kwesihloko, ngoba nguwe umbhali. Dweba isithombe ekhaveni. Bhala indaba yakho ibe yincwadi.



Okuqukethwe

# Indikimba 3: Konke kusezintweni ozifundayo


**Umbhalo onemininingwane yolwazi**
**Ithemu 2: Amasonto 1 – 2**

**33 Isimo sezulu** 70
Funda lo mbhalo onezinsiza ezibonakalayo. Funda ishadi lesimo sezulu nebha shadi ehambisana nayo.
Ingxoxo mayelana neshadi lesimo sezulu.
Ukuthatha ulwazi eshadini lesimo sezulu uluqhathanise nezindawo ezahlukahlukene.

**34 Isimo sezulu namuhla si . . .** 72
Yenza ishadi lesimo sezulu usebenzisa okusikwayo.
Yethula uhlelo lwesimo sezulu kumabonakude.
Abafundi bazihlolela bona izethulo zabo zesimo sezulu beqhathanisa nezabanye abafundi.

**35 Ukuchaza amabizo ngokusebenzisa isichasiso** 74
Ukusetshenziswa kwesichasiso ukuchaza izithombe.
Ukwethulwa kwamagama okuqhathanisa.
Ukwakha imisho usebenzisa isichasiso osinikeziwe.
Ukuqedela indaba usebenzisa isichasiso esifanele.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**36 Kwenzeke enkathini eyedlule** 76
Inkathi edlule: izenzo.
Ukwenza idayari ngezinto ezenzeke kudala. Ukuthola izenzo ezisenkathini edlule.
ukuphinda ubhala amagama usebenzisa inkathi ezayo kanye nedlule.
Isichasiso esiqhathanisayo.

**37 Ukufunda uthole ulwazi** 78
Ukufunda umbhalo onolwazi - ibhukwana.
Ukufunda nokuqonda kokubhalwe emabhukwini amancane.
Ukwenza ibhukwana elinezinto ezibonakalayo ezethula ulwazi.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**38 Ukunikeza imininingwane** 80
Ukulungiselela ukubhala ibhukwana.
Ukwenza ibhukwana elinolwazi usebenzisa izinto ezibonakalayo kanye namazwi abhaliwe.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**39 Funda ishadi ukuthola imininingwane** 82
Ukufunda ibha ishadi ngezemidlalo.
Ukuphendula imibuzo ebhekiswe eshadini eliyibha.
Ukwenza inhlolovo ngolwazi bese kwenziwa ishadi eliyibha ngalo.
Ukwethula ishadi eliyibha eqenjini.

**40 Ukuqhathanisa izinto** 84
Umsebenzi ngesichasiso.
Ukusetshenziswa kwesichasiso ukuchaza imidwebo. Isichasiso.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**Ukufunda indaba emfushane kanye nokubhala incazelo ngomlingiswa**
**Ithemu 2: Amasonto 3 – 4**

**41 Funda indaba: Wabe engumuntu onjani uLulu** 86
Ukuqedela isifundo sokuqondisisa esimayelana nendaba
Ukubhekisisa ukuthi umlingiswa oqavile ukhula kanjani esuka esingenisweni eya esiphethweni sendaba.
Bhala incazelo ngokuvezwa kwabalingiswa ababili.
Ukwenza umdlalo okhombisa abalingiswa abahlukahlukene endabeni.
Ukusetshenziswa kwesichasiso ukuchaza abalingiswa endabeni.

**42 Ukucabanga ngendaba** 88
Ukubhala idayari ngokomlingiswa.
Ukuthola wonke amagama achazayo asetshenziswe kuvezwa abalingiswa.
Ukuthola inhloko yomusho nezenzo.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini.

**43 Ukubhala indaba** 90
Ukulungiselela ukubhala indaba ngokukhula komlingiswa.
Ukusetshenziswa kwebalazwe lemibono ukuchaza izimpawu ezigqamile zomlingiswa.
Ukuchaza ukuthi umlingiswa uguquke kanjani kusukela ekuqaleni kuya ekugcineni kwendaba.

**44 Izenzo** 92
Ukubhala imisho ngezenzo ezivezwe emidwebeni.
Ukuqondanisa inkathi yamanje nedlule ezenzweni ngokususa izenzo ezingafanele.
Izivumelwano zenhloko ezenzweni. Ukukhetha izenzo ezifanele.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.


**45 Idayari kaMandu eyimfihlo** 94
Ukufunda indaba ubhekisise umlingiswa oqavile.
Ukufunda nokuqonda ngemibuzo ethinta abalingiswa.

**46 Ubunjalo babalingiswa** 96
Ukufingqa indaba kudayari sisebenzisa inkathi edlule.
Ukuxoxa ngomlingiswa oqavile nezimpawu zakhe.
Ukuthola izimpawu zomlingiswa oqavile nokusebenzisa isichasiso ukumchaza.
Ukubhala amazwi achaza umlingiswa oqavile.
Izimpawu zokuloba: umbiko kanye nokuphetha umusho.

**47 Isenzo** 98
Izenzo.
Ukuguqula izenzo emishweni zisuke enkathini yamanje ziye kwedlule.
Izivumelwano zenhloko ezenzweni.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**48 Uhlelo lokubhala indaba** 100
Ukusetshenziswa kwenqubo yokubhala, ukubonisana, ukwakha uhlaka kanye nokulungisa amaphutha.








ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 69 2019/01/02 11:00:49


# 33 Isimo sezulu





Masifunde

Masifunde ibalazwe lesimo sezulu.



| Izinkomba zezimpawu zesimo sezulu | | | |
|---|---|---|---|
| Linomoya | 22 | Linezibhadu zamafu |  |
| Amazinga okushisa | 20 °C<br>31 °C | Liyana/imvula |  |
| Liyabanika futhi liyaduma |  | Libalele |  |
| Liguqubele |  | Linenkungu |  |



Masikhulume

Xoxela umngani wakho ngebalazwe lesimo sezulu.

- Lithini ishadi ngesimo sezulu esifundazweni sakho?
- Ngabe isimo sezulu sinjalo ngempela namuhla?
- Xoxa ngesimo sezulu sakwezinye izifundazwe.
- Bangagqoka hlobo luni lwempahla abantu basesifundazweni sase-Eastern Cape kulesi simo sezulu?
- Yikuphi lapho isimo sezulu sisihle khona? Yikuphi lapho isimo sezulu sisibi kakhulu khona? Usho ngani?



ZUL HL G4 B1 TH3.indd 70 2019/01/02 11:00:56

Usuku:



# Imvula yanyanga zonke: eNewville

Masibhale


Yenza sengathi uzofunda isimo sezulu ohlelweni lwezindaba lukamabonakude. Bhala phansi lokho ozokusho ngesifundazwe ngasinye.


| Gcwalisa amagama ezifundazwe. | Chaza isimo sezulu. Qala ngokusho ukuthi amazinga okushisa azoba njani, usho nokuthi lizona, libe namafu noma lizobalela yini. |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |



Masifunde

Funda ishadi elikhombisa inani lemvula ezokuna endaweni yaseNewville esikhathini esiyizinyanga eziyi-12. Xoxa nomngani wakho ukuthi ingakanani imvula ene enyangeni ngayinye.




Masibhale

Phendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Iyiphi inyanga ebe nemvula eningi kakhulu? | |
| Iyiphi inyanga angabanga namvula? | |
| Ingakanani imvula enile kulo nyaka? | |
| Yiziphi izinyanga ezibe nesikali esilinganayo semvula? | |
| Iyiphi inyanga noma izinyanga ezibe nemvula encane kakhulu | |
| Yiziphi izinyanga okuhle ngazo ukutshala? | |



uma kushisa nje



uma ukushisa kunyukela



uma kushisa kakhulu

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________




ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 71 2019/04/02 11:01:01

# 34 Isimo sezulu namuhla

**Masenze** Yenza ishadi lesimo sezulu. Sika izimpawu zesimo sezulu ezisezansi nekhasi bese uzinamathisela ezifundazweni kuleli balazwe.




**Masikhulume** Uma sewuzinamathisele izithonjana, khuluma nomngani wakho ngeshadi lesimo sezulu. Yishoni ukuthi izulu linjani esifundazweni ngasinye.






ZUL HL G1 B1 TH3.indd 72 2019/04/02 11:01:30

Usuku: ______________



Masibhale

Yenza sengathi wethulela ababukeli bakamabonakude isimo sezulu. Chaza ukuthi izulu linjani esifundazweni ngasinye. Nikeza ababukeli umbono wokuthi kumele bagqoke kanjani esimeni ngasinye. Yisho kubo ukuthi izulu lizoba namthelela muni emisebenzini yasekhaya (isb. mayelana nokuwasha izingubo), noma kumele bagqoke izinto ezizobavikela elangeni. Tshela abalimi ukuthi bangalindela isimo esinjani sezulu.

| Isifundazwe | Isimo sezulu |
| --- | --- |
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |
| 4 | |
| 5 | |
| 6 | |
| 7 | |
| 8 | |
| 9 | |





Masikhulume

Manje yethula isimo sezulu wena.




## Ngiyazihlola

| Ngabe ngi- | ✓ | ✗ |
| --- | --- | --- |
| Sethule ngendlela ehlelekile isimo sezulu? | | |
| Nikeze imininingwane eyanele ngesimo sezulu esifundeni ngasinye? | | |
| Sebenzisa ulimi olufanele ababukeli abadala? | | |
| Sebenzisa amagama amukelekayo ngesimo sezulu? | | |
| Ngibabhekile kakhulu ababukeli bami ngenkathi ngethula isimo sezulu? | | |

UTHISHA: Ukusayina ______________ Usuku ______________



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 73 2019/04/02 11:01:53

# Ukuchaza amabizo ngokusebenzisa isichasiso



**ISICHASISO:** Sichaza ibizo emshweni.



Masikhulume

Bheka lezi zithombe. Zonke ziveza amabizo. Tshela umngani wakho ukuthi zibukeka, zinuka, zizwakala kanjani uma zithintwa, futhi zinambitheka kanjani.





Masibhale

Qondanisa ibizo eliku-A nesichasiso esifanele ku-B


| A |
| --- |
| itiye |
| umgwaqo |
| imbali |
| izicathulo |
| izulu |
| udoti |
| imoto |
| ikhekhe |
| ikati |

| B |
| --- |
| elibi |
| enhle |
| ezincane |
| omningi |
| ebomvu |
| elimnandi |
| omkhulu |
| elimnyama |
| elishisayo |

Khetha amabizo amahlanu kanye nesichasiso ohlwini oluse sandleni sesinxele awasebenzise emshweni.

| |
| --- |
| |
| |
| |
| |
| |
| |
| |
| |
| |
| |








ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 74 2019/04/02 11:02:14

Usuku: ____________



## Izindaba ezingasebenzisi isichasiso azizwakali



**AMAGAMA MASHA**

- ____________
- ____________
- ____________
- ____________



**Masibhale**

Qedela imisho elandelayo ngamagama ayisichasiso.

Bekulusuku ____________ .

Insimbi yesikole sethu e- ____________ yakhala.

Ngavuka embhedeni o-____________ ngahamba.

Ngagqoka ibhulukwe lami eli-____________ nejezi.

Ngaphuza ijusi e-____________ ngabe sengidla. Isemishi.

Ngangena ebhasini e-____________ .

Bhala imisho emihlanu ozakhele yona usebenzise isichasiso.

____________

____________

____________


____________

____________

____________

____________


____________



kunejubane



kunejubane elikhudlwana



kunejubane elikhulu

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 75 2019/01/02 11:02:29

# Kwenzeke enkathini eyedlule




**Inkathi edlule:** Isenzo esikhombisa ukuthi into yenzeke ngankathi edlule.



## Masibhale

Bhala kudayari yakho ngalokho okwenze ngesento eledlule kube ngamagama acishe abe ngama-40 ubude. Zonke **izenzo** ozisebenzisile kumele zibe **senkathini edlule**.

*Dayari ethandekayo*



## Sisebenza ngamagama

Guqula amagama owanikeziwe uwayise enkathini edlule.

| |
|---|
| funda |
| hamba |
| hleka |
| vuka |
| dlala |
| qala |
| funa |
| hamba |
| thatha |
| gijima |
| shayela |
| cula |
| gijima |
| bhukuda |
| thenga |
| lala |



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 76 2019/01/02 11:02:34

Usuku:


Masifunde

Funda i-imeyili kaJim eya kuMandu ebhalwe ngenkathi ezayo. Kokelezela amagama ayizenzo ku-emeyili kaJimi. Phinda ubhale i-emeyili, kaJimi usuguqule izenzo ezikokelezelwe zaba senkathini yamanje.

AMAGAMA MASHA

| | |
|---|---|
| Iya ku- | manduK@gmail.com |
| Iphuma/ivela ku- | jimS@yahoo.com 11 kuNdasa 2015 15:14 |

**Mandu othandekayo**

**Kusasa ngizoya ekhempini yebhola lezinyawo. Sizohamba ngemoto amahora amathathu bese sifika. Sizodla okwantambama emva kokwethula izimpahla zethu bese silala uma sekushone ilanga. Sizovuka ekuseni sidle okwasekuseni. Umqeqeshi uzosikhombisa ukuthi sizivocavoce kanjani. Sizodlala imidlalo embalwa bese sibukela izithombe zemidlalo yebhola lezinyawo.**

**Ivela ku-**

**Jim**

Thumela




UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 77 2019/01/02 11:02:37

# Ukufunda uthole ulwazi



**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Masifunde




Izingane eziningi zesikole ziyazivocavoca ngaso sonke isikhathi. Zikwenza noma zingazange zikucabange. Zizivocavoca ngokudlala enkundleni, ngokhahlela ibhola noma ngokugijima ziya ebhasini.

Uma uzivocavoca, usiza umzimba ukuthi ukhule unamandla ukuze ukwazi ukwenza konke ofisa ukukwenza wena. Zama ukugijima njalo nje! Yini ungabhukudi, ungagijimi, ungahambi, ungagibeli ibhayisikili, ungazeluli, ungadansi noma udlale ibhola lezinyawo nelomnqakiswano?

**Ukuzivocavoca kwenza inhliziyo yakho ihlale ijabulile.**

Uma uzivocavoca inhliziyo yakho ishaya ngamandla, uphefumule masinyane, umzimba wakho uthathe i-oksijini eningi. Lokhu kwenza inhliziyo yakho ibe namandla.

**Umzuzu nomzuzu wokuzivocavoca ubalulekile.**

**Ukuzivocavoca kuqinisa izicubu**

Ukuzivocavoca kwenza izicubu zakho zibe qatha. Zininigi izinto ozenza ungezwa kukhathala.

**Ukuzivocavoca kwenza umzimba wakho ube lula.**

Ukuzivocavoca nokuzelula kwenza umzimba ube lula. Lokhu kusho ukuthi ungashukumisa izingalo nemilenze ngokukhululeka ngaphandle kokuzwa ukubophana noma ubuhlungu bomzimba.

**Ukuzivocavoca kugcina isisindo somzimba wakho silingene.**

Uma uzivocavoca, umzimba wakho ugcina isisindo esifanele samafutha. Lokho kukusiza ukuthi isisindo sakho sibe ngesilingene – singabi sincane kakhulu, singaphakami kakhulu.

**Nciphisa ukubheka umabonakude nokudlala imidlalo yekhompiyutha.**



**Izingane kufanele zivame ukuzivocavoca futhi zehlise isikhathi sokubuka umabonakude.**



Masibhale

Funda isiqephu sephephandaba ebese uphendula imibuzo

| Luhlobo luni lombhalo lolu? | |
|---|---|
| A | Yiresiphi |
| B | Yinganekwane |
| C | Umbhalo oqukethe ulwazi |
| D | Yincazelo |

| Umbhalo uthi abantwana kumele bachithe isikhathi esifushane uma benzani? | |
|---|---|
| A | Bedla |
| B | Bebuka umabonakude |
| C | Bezivocavoca |
| D | Behamba ngemoto |





ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 78 2019/01/02 11:02:51

# 39 Funda ishadi ukuthola imininingwane




Masikhulume

Lesi sithombe esingezansi sisitshengisa ukuthi zithanda muphi umdlalo izingane. Wubuke isikhashana.



## Umdlalo othandwa kakhulu yizingane








Masikhulume

- Lolu hlobo lwesithombe lubizwa ngokuthi yishadi eliyibha. Leli ishadi liveza ukuthi zingaki izingane ezidlala imidlalo esohlwini.
- Bheka emgqeni osezansi bese uxoxela umngani wakho ngemidlalo ebaliwe.
- Bheka izinombolo ezisemgqeni ophezulu ngasesandleni sokunxele eshadini, bese usho ukuthi yiziphi izinombolo okukhulunywa ngazo.



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 82 2019/01/02 11:03:45

Usuku: ______________________

**AMAGAMA MASHA**




**Masibhale** Manje phendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Yimuphi umdlalo onabadlali abaningi? | |
| Yimuphi umdlalo onabadlali abayingcosana? | |
| Zingaki izingane ezithanda ibhola lezinyawo? | |
| Zingaki izingane ezithanda ibhola lomnqakiswano? | |
| Zingaki izingane ezithanda ukugijima? | |
| Zingaki izingane ezithanda ukubhukuda? | |



**Masenze** Buza abangani bakho abayishumi ukuthi yimuphi umdlalo abawuthandayo. Faka umbala amabhulokhi ethebhuleni elingezansi elikhombisa ezemidlalo abazithandayo. Qala ezansi nethebhula.





Ithebhula lakho lizothi alifuze lokhu.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| 10 | | | | |
| 9 | | | | |
| 8 | | | | |
| 7 | | | | |
| 6 | | | | |
| 5 | | | | |
| 4 | | | | |
| 3 | | | | |
| 2 | | | | |
| 1 | | | | |
| | Ibhola lezinyawo | Ibhola lomnqakiswano | Ukubhukuda | Ukugijima |

Yimuphi umdlalo abawuthanda kakhulu? ______________________

Yimuphi umdlalo abawuthanda kancane? ______________________



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 83 2019/01/02 11:03:47

# 40 Amagama Aphikisanayo



Masibhale

Lawa amagama aqhathanisa izinto ezimbili ezingafani.

Isibonelo: Kumnyama-kumhlophe

| | | |
|---|---|---|
| ubusuku | Ukukhuluphala | lala |
| | | |
| thanda | ubude | ukuhlala |
| | | |
| inkunzi | ichalaha | inala |
| | | |
| ukungqala | ukusutha | isicebi |
| | | |
| intshonalanga | faka | okuncane |
| | | |




ZUL HL G4 B1 TH3.indd 84 2019/04/02 11:05:48

# Ukuqhathanisa



Masibhale


Bukisisa lezi zithombe ebese uqedela imisho elandelayo ngokuqhathanisa.




UJimi unezimbali *ezincane kunezikaJabu*. Ibhulukwe likaJimi *lifushane kunelikaJabu*.

UJabu unezimbali ezi-______ . Jimi Ibhulukwe likaJabu ______ . Ajay

U-Jay unezimbali ezi-______ . Jimi Ibhulukwe lika-Ajay ______ . Jimi




UBongi unencwadi *encane kunekaPam*.

UPam unencwadi ______ . Devi

UDevi unencwadi ______ . Bongi

Incwadi kaDevi inkulu kuneka-______ neka-______.

Incwadi kaPam i-______ kunekaDevi, i-______ kunekaBongi.

Incwadi kaBongi incane kuneka-______ neka-______.

Sibonile ukuthi uma siqhathanisa izinto ezimbili sisebenzisa isakhi '**kuna-**', njengokuthi: Ikati likhulu **kune**gundane. Noma siqhathanisa izinto ezintathu, sisebenzisa isakhi esifanayo, njengokuthi: Ikati likhulu **kune**gundane nomnenke. Kusho ukuthi noma singaqhathanisa izinto eziningi sisebenzisa isakhi esisodwa sokuqhathanisa (**kuna**-), njengokuthi: Amaqanda entshe makhulu **kuna**wenkukhu.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TB3.indd 85 2019/01/02 11:03:52

# Funda indaba: Wabe engumuntu onjani uLulu





Masikhulume


Buka izithombe bese utshela umngani wakho ukuthi ucabanga ukuthi le ndaba imayelana nani.

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**

- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Masifunde

Funda le ndaba bese uyipha isihloko esihle, usibhale phansi.

## Isingeniso

ULulu wabe eyintombazanyana eneminyaka eyishumi egcwele ukuzicabangela yona yodwa. Wabe ehlala endlini enhle futhi enkulu. Wabe eyingane eyodwa kwabo futhi etotoswa. Wayehlala edla izinto ezimnandi phambi kwabangani bakhe abancishe. Wayengalokothi adlalisane nabanye ngamathoyisi akhe.

Kwathi ngenye intambama efudumele kuwuMgqibelo, u-Adam, uMuzi noKate bayodlala noLulu. Banquma ukumfundisa isifundo.

## Umzimba

UMuzi waphatha isikethibhodi sakhe. Abantwana bashintshisana bedlala isikethibhodi behla bekhuphuka emgwaqweni omncane kubo kaLulu.

ULulu wayecele abazali bakhe ukuthi bamthengele isikethibhodi ngoKhisimuzi kodwa abavumanga. Wathukuthela wahlina uma abangani bakhe bengamniki yena ithuba lokudlala.

"Uzoze uthole esakho isikethibhodi, Lulu," kusho uJona. "Uyobe sewungenela lo mdlalo kanye nathi-ke!"

ULulu wezwa inhliziyo ishona phansi wadumala. Wayekade enethemba lokuthi uzoba nentambama emnandi, kodwa manje usecasukile udumele. Kwaba yikhona ezwa ukuthi kanti abangani bakhe bebedumele kanje ngenkathi ebaphoxa yena.

## Isiphetho

Masinyane, wabe esenombono. "Kunjani ningene ekhaya yikhona sizodla ikhekhe siphuze nejusi?" kusho yena. "Sizobe sesiyodlala ekhompiyutheni."

Abangani baLulu bethuka uma bebona eguquka kanje. Bajabula ukuthi akasazicabangeli yena yedwa. Babona ukuthi usezovuma ukudlala amathoyisi akhe nabo adle namaswidi kanye nabo.

(Icashunwe ku-ANA Exam 2012.)



ZUL HL G4 B1 TTr3.indd 86 2019/01/02 11:03:55

Usuku: 



**AMAGAMA MASHA**



Masibhale Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo efanele.

| | Wayengumngani onjani ekuqaleni uLulu? |
|---|---|
| A | Wayephana futhi elungile |
| B | Wayezicabangela yena engenamusa |
| C | Wayenobungane futhi engazicabangeli yena yedwa |
| D | Wayeluhlaza futhi enonya |

| | Chaza indawo ayehlala kuyo uLulu. |
|---|---|
| A | Umuzi othulile nje omncane |
| B | Emgwaqweni onesiphithiphithi eduze kolwandle. |
| C | Umuzi omuhle |
| D | Emaflethini edolobheni |

| | Bamvakashela nini abangani bakhe uLulu? |
|---|---|
| A | Ngenye intambama kufudumele kuwuMgqibelo |
| B | Ngenye intambama kubanda kuwuMgqibelo |
| C | Ngenye intambama kunomoya kuwuMgqibelo |
| D | Ngenye intambama ngemuva kwesikole |

| | Bamkhombisa kanjani abangani bakhe uLulu ukuthi lokho ayekwenza kwabe kuliphutha? |
|---|---|
| A | Bamenza ukuba aphatheke njengomuntu ongenamngani. |
| B | Bakhuluma naye mayelana nokudlalisana. |
| C | Babefuna ukudlala ngamathoyisi akhe. |
| D | Bamthengela isipho sikaKhisimusi. |

Yimiphi imisho kule ndaba esitshela ukuthi uLulu wabe ezicabangela yena yedwa?

Baphatheka kanjani abangani bakaLulu ngesenzo sakhe sokuzicabangela yena yedwa?



Masenze Eqenjini lenu yenzani umdlalo. Nizodinga abalingiswa abane. ULulu, uMariya, uJona noMuzi.





ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 87 2019/01/02 11:04:02

# Ukucabanga ngomlingiswa






Zicabange sengathi unguLulu. Bhala isigaba esinamagama angaba ngama-40 nga lokho okukwehlele namuhla.




Sebenzisa amagama owanikeziwe ukuchaza indaba kaLulu kusukela esingenisweni kuze kube sesiphethweni.

- Wayedelela
- wayehlakaniphile
- wayengenamusa
- wayenonya
- wayengazicabangeli yena yedwa
- wayezicabangela yena yedwa
- wayenomusa
- wayenomhobholo
- wayenobungani
- wayephana
- wayenosizo
- wayejabulile
- wayeyisilima
- wayehlakaniphile
- wayetotoswa
- wayecasukile
- wayenokuduba







ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 88 2019/01/02 11:01:08

Usuku:






Masibhale

Bhala incazelo yesimilo sikaLulu ekuqaleni kwendaba. Uma usuqedile ukusibhala, udwebele wonke amagama achazayo owasebenzisile.

Manje bhala uchaze ngomngani wakho omkhulu ungeqi emagameni angama- 40. Uma usuqedile, udwebele wonke amagama achazayo owasebenzisile.



**Masibheke izenzo**

Izenzo ngamagama asitshela ngalokho okwenziwa wumuntu noma yinto.

Umfana ukhahlela ibhola. Iqabunga liwele phansi.

Isenzo siyigama elibaluleke kakhulu emshweni; ngaphandle kwaso umusho ngeke wakhe umqondo, isb, Umfana ibhola, noma iqabunga phansi.



Masibhale

Funda imisho bese udwebela zonke izenzo. Manje kokelezela amagama angamabizo kulowo nalowo musho. Wonke la magama azoba ngamabizo.

| | |
|---|---|
| ULulu udle ushokoledi namashiphsi. | Izingane zidlale engadini yakubo kaLulu. |
| ULulu wenze itiye. | Inja imgijimisile uJona. |
| Izingane zidlale kwikhompiyutha kaLulu. | Inja iyakhonkotha. |
| ULulu udlale nezinye izingane ngamathoyisi akhe. | ULulu uthele isiphuzo izingane zasiphuza masishane. |



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 89 2019/01/02 11:04:17

# 43 Ukubhala indaba



Masikhulume

Lungiselela ukubhala indaba ngomuntu ofana noLulu oguqula ukuziphatha endabeni yakho. Sebenzisana nabangani nenze indaba ngomuntu owayengenabo ubungane kodwa owaguquka kamuva.



Masibhale

Qedela leli balazwe lemibono ukulungiselela indaba.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.






ZUL HL G4 B1 TH3.indd 90 2019/04/09 13:01:25

# 44 Isenzo



Masikhulume

Isenzo igama elisho okwenzekayo emshweni.

Wena nomngani wakho, bhekani isithombe bese nisho enikubona kwenzeka ezithombeni.





Masibhale

Phinda ubuke izithombe ezingenhla bese ubhala uhla lwamagama ayizenzo. Sebenzisa lezo zenzo ukwakha imisho ibe senkathini yamanje.

| | |
|---|---|
| Khahlela | Intombazane ikhahlela ibhola. |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Guqula imisho oyakhe ngenhla ibe senkathini edlule.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |
| |





ZUL HL Gr4 B1 TTB.indd 92 2019/01/02 11:04:51

Usuku: ______________

AMAGAMA
MASHA



Masibhale

Bheka uhlu lwezenzo ezisenkathini yamanje neyedlule.
Bhala zonke izenzo ezisenkathini yamanje ethebhuleni.

yidla | bhala | udlile | yizwa | ukhulumile | uphuzile | ulalile

phuza | nqaka | thatha | ubambile | yilwa | ulwile | udlile | ubhalile | ucabangile


cabanga | ucabangile | khuluma | uzwile | fundisa | lala | uyazi | ubazi | uthathile

| Inkathi yamanje | Inkathi edlule |
| --- | --- |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

| Inkathi yamanje | Inkathi edlule |
| --- | --- |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |



Masibhale



Qedela imisho ngezenzo ezinikeziwe.

| | |
| --- | --- |
| -funa | UJabu______________________________ ukuthenga isikethibhodi. |
| -funa | Abafana ababili ______________________________ ukuthenga isiketibhodi esisha. |
| -lala | Inja encane emhlophe______________________________ ngaphansi kombhede kaMandu. |
| -lala | Izinja ezinkulu ______________________________ engadini. |
| -thanda | Umfana______________________________ amaswidi. |
| -thanda | Izingane ______________________________ amaswidi. |
| -gibele | UMimi ______________________________ ibhayisikili lakhe. |
| -gibele | UMimi noMandu ______________________________ amabhayisikili. |
| -funda | ______________________________ esikoleni khona manje. |
| -funda | ______________________________ esikoleni khona manje. |



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 93 2019/01/02 11:04:53

# 45 Idayari kaMandu eyimfihlo

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Ngenkathi ufunda**
- Qhathanisa ukubikezela kwakho nalokho okufundayo.
- Uma kunesigaba ongasiqondi, sifunde futhi, ngokunensa. Funda kakhulu.



Masikhulume

Bheka isihloko kanye nezithombe bese usho ukuthi ucabanga ukuthi indaba izoxoxa ngani.

Unayo yini idayari?

Yini ebhalwa kudayari?



Masifunde



UMandu ubethanda ukubhala kudayari yakhe nsuku zonke. Usuku ngalunye ubebhala izinto azenzile. Ubhale nezimfihlo zakhe angathandi ukuthi abantu bazibone. Ubazi ukuthi kuzofuneka ayifihle idayari. Ufune indawo ngasembhedeni wakhe lapho ebengayifihla khona, lapho kungekho muntu noyedwa ozoyithola khona. Ekugcineni ukhethe ukuyifaka ngaphansi kombhede.

Ngelinye ilanga ntambama, ngenkathi uMandu nomngani wakhe uMimi bebuya esikoleni, uMandu wathola idayari yakhe ivulekile iphansi ekamelweni lakhe lokulala. "Wo, bona Mimi! Kukhona umuntu obefunda idayari yami!" wayesememeza-ke lapho.

"Musa ukukhathazeka," kusho uMimi. "Thola indawo engcono uyibeke kuyo ngesikhathi esizayo."

Bayihlola idayari. "Bona le minwe engcolile ethinte lapha," kusho uMimi. "Wumkhondo lona."

"Yilo mfana wakithi omncane, uThabo," kusho uMandu. "UThabo uhlala eneminwe engcolile." Wakhumbula ukuthi umfana wakubo uneminyaka emi-5 ngakho akakwazi ukufunda.

Wathola unwele olubomvana emakhasini edayari. "Wumkhondo wangempela lona," yena. "Kukhona umuntu wezinwele ezibomvana obefunda idayari yami. Bonke emndenini wami banezinwele ezimnyama. Ngabe ngubani lona? Ngubani onezinwele ezibomvu engimaziyo?" ezibuza ebuka izinwele zikaMimi ezibomvana.



Bahlala phansi bakha icebo. UMandu wabeka idayari yakhe ngaphansi kombhede. Wathela ufulawa omncane phansi eduze kombhede.

Umuntu owayezosondela kudayari khona wayezoshiya umbhalo wezinyawo kufulawa. Aphuma amantombazana ayocasha ekhoneni alinda.

Masinyane, kwezwakala umsinjwana ekamelweni lokulala. Bagijima bangena. Babonani oMimi?

Kwase kugcwele imibhalo yezinyawana ezinamazipho.



ZUL HL Gr4 B1 TB3.indd 94 2019/04/02 11:04:59

Usuku:



Nasiya isigebengu. Yinja. Ineziboya ezinde. Beyidlala ngedayari ngaleso sikhathi. Awazange akukholwe lokho amantombazana.

Inja lena nguZola. Nguye umfundi wedayari lena. "Ngesikhathi esizayo," kusho uMimi, egijimisa izandla eboyeni obubomvana lobu, "kuzofuneka uthole indawo engconywana yokufihla le dayari.

Icashunwe ku-Ana examination 2012.



Masikhulume

Ngobani abalingiswa abaqavile kule ndaba?

Sinjani isakhiwo sale ndaba?

Sinjani isizinda sendaba?



Masibhale

Funa igama kule ndaba elisho okufanayo nala magama angezansi.

onecala ______ wamemeza ______ ngokungabaza ______

Kungani uMandu ayefuna ukuyifihla idayari yakhe?

______

Kungani esola umfowabo omncane uThabo?

______

Bamcuphe kanjani?

______

Kungani ayesola uMimi?

______



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 95 2019/01/02 11:05:05

# Banjani?





**Masenze**


Nikeza imisho elandelayo izinombolo usukele kweyoku-1 kuye kweyesi -6 ukukhombisa ukukhula kwendaba.

| | |
|---|---|
| ◯ Wathola unwele olusagolide kudayari. | ◯ Wayifihla idayari. |
| ◯ Wathola imibhalo yeminwe kudayari. | ◯ Wabona inja yakhe idlala ngedayari yakhe. |
| ◯ Wathola ukuthi kunomuntu okade efunda idayari yakhe. | ◯ Wacupha ngokuthela uflawa phansi. |



**Masibhale**


Yenza sengathi unguMandu. Bhala kudayari yakho ngokufingqa okwenzeke namuhla. Sebenzisa inkathi edlule.






**Masikhulume**

Xoxa neqembu lakho ngesimilo sikaMandu.
Khuluma ngalokho uMandu akushoyo nakwenzayo.
Sazi kanjani ukuthi uMandu akasheshi alilahle ithemba?
Sazi kanjani ukuthi unekhono lokubopha amaqhinga?
Ungumuntu onjani uMandu?



**Masibhale**

Bhala amagama achaza uMandu.





ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 96 2019/01/02 11:05:23

Usuku:

AMAGAMA

MASHA



Masibhale

Manje bhala isigatshana esichaza uMandu.

UMandu unesimilo esimangazayo.

Phinda ubhale le misho ngendlela yokubika. Inkulumombiko.

"Thabo, ingabe uyithathile yini idayari yami?"



Kubuza uMandu



"Mimi, yini ekufanele siyenze kule ntambama?"

Thabo

"Cha bo, ngineminyaka emihlanu nje futhi angikakwazi ukufunda."



Kwaphendula u-Anne.



Masibhale

Faka izimpawu zokuloba kule misho.

amantombazana agibela ibhasi ayesehamba ngezinyawo esuka esitobhini sebhasi eya kubo kamandu

uma esendleleni adlula esitolo athenga iyogathi ubhanana kanye nobisi

behla ngomgwaqo umandela base bejikela ngakwesokunxele bangena emgwaqweni unyoni

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 97 2019/04/02 11:05:33

# Isenzo



Usufundile manje ukuthi sengeza u-ile ezenzweni eziningi uma sizibhala zibe senkathini edlule.



Masibhale

Funda amagama alandelayo ngokucophelela.

| | |
|---|---|
| khuluma | ukhulumile |
| phula | uphulile |
| ntshontsha | untshontshile |
| yidla | udlile |
| bhala | ubhalile |
| Yiwa | uwile |

| | |
|---|---|
| ndiza | undizile |
| hamba | uhambile |
| cula | uculile |
| shayela | ushayelile |
| thatha | uthathile |
| nikeza | unikezile |

| | |
|---|---|
| thola | utholile |
| nqaka | unqakile |
| cabanga | ucabangile |
| thenga | uthengile |
| lala | ulalile |

Sebenzisa amagama angenhla ukwakha imisho njengoba uyalelwe ngezansi.

Namuhla

Izolo

Namuhla

Izolo

Namuhla

Izolo



Masibhale

Kokelezela igama elifanele kule misho elandelayo.

Uzobona ukuthi yonke imisho ibhalwe ngenkathi yamanje. Phinda uyibhale ngenkathi edlule. Sebenzisa uhlu olusekuqaleni kwekhasi ukuze usizakale.

UMandu **casuka/ucasukile** ngoba kukhona umuntu ofunde idayari yakhe.


Izolo

Mina **ngidlala/ngidlale** isikethibhodi.

Izolo



ZUL HL G4 B1 TH3.indd 98 2019/01/02 11:05:42




Amantombazana enza/enze ukuhlakanipha.

Izolo

Abantwana babuya/babuyile esikoleni.

Izolo

Iqembu lebhola lingena/lingene enkundleni ligijima.

Izolo

Esikoleni kufika/bekufike umqeqeshi omusha.

Izolo

Ngithenga/ngithenge isikhwama esisha sezincwadi.


Izolo




## Masizijabulise

Siza uMandu alandele lapho kubhale khona izidladla.





Usuku:



## Ngiyahlola nje

| Engikwazi ukukwenza | | |
|---|---|---|
| ukufunda ishadi lesimo sezulu. | | |
| ukufunda ishadi eliyibha. | | |
| ukufunda umbhalo onolwazi. | | |
| ukufunda izindaba. | | |
| ukudweba ishadi. | | |
| ukuzilungiselela ukubhala indaba. | | |
| ukuzilungiselela ukubhala iphamfulethi. | | |
| ukubhala isigatshana. | | |
| ukuqagela izindaba neziphetho zazo. | | |
| ukufingqa indaba. | | |
| ukubhala umdlalo. | | |
| ukusebenzisa isichasiso. | | |
| ukusebenzisa izenzo. | | |
| ukusebenzisa inkathi yamanje, edlule kanye nezayo. | | |
| ukubhala isigatshana. | | |
| ukuhlonza izenzo. | | |
| ukuqiniseka ngokuvumelana kwenhloko yomusho nesenzo. | | |
| ukusebenzisa inkulumo-mbiko. | | |



ZUL HL Gr4 B1 TH3.indd 102 2019/04/02 11:06:36

Okuqukethwe

# Indikimba 4: Okuyiqiniso nokuqanjiwe




**Izinganekwane**
**Ithemu 2: Amasonto 5 – 6**

**49 Ukufunda izinganekwane** 104
Okumele kwaziwe ngezinganekwane
Ukufunda okwandulela umsebenzi wokwenziwa ngemidwebo, izihlokwana kanye nezinhlaka.
Sika indaba ugoqe ingxenye bese ukubamba encwadini ngesteyiphula.
Funda indaba phakathi kukanogwaja nofudu. *Unogwaja nofudu.*
Gcwalisa amabhamuza enkulumo angenalutho namabhokisi angenalutho ukuqedela indaba.

**50 Emva komjaho** 107
Ingxoxo ngendaba, abalingiswa, isizinda kanye nesakhiwo.
Abafundi kumele badwebe umgudu womjaho bawubhekise encazelweni esendabeni.
Ukufunda nokuqonda: ukuphendula imibuzo ekhethisayo.
Ukusebenzisa isichasiso ukuchaza unogwaja nofudu.
Bhala incazelo yoyedwa wabalingiswa.

**51 Ukuxoxa izindaba** 108
Ukufingqa indaba ngokulandelana kwayo usebenzisa amagama axhuma izehlakalo: Okokuqala, emva kwalokho, kwabe-, ekugcineni.
Ukuzilungiselela uma ungumsakazi womjaho phakathi kukanogwaja nofudu.
Ukubhala amanothi esethulo sakho.
Ukuqhathanisa isethulo namaphuzu ezinto ezifuna ukubhekwa.
Ukwethulwa kwezenzo.
Ukudwebela izenzo emishweni kanye nokubona inkathi.
Ukubhala amagama amasha esichazamazwini sakhe.

**52 Izenzo** 110
Bhala isigatshana uchaze izinto ozenze ngesonto eledlule. Dwebela izenzo ezisenkathini edlule.
Bhala isigatshana uchaze ukuthi uzokwenzani ngamaholide alandelayo. Dwebela amagama asho inkathi ezayo.
Bhala isigatshana usho ukuthi kwenzekani ekilasini manje. Dwebela izenzo ezisenkathini yamanje.
Dlalani umdlalo othinta izenzo ezithile.

**53 Ixoxo nomnenke** 112
Ukufunda okwandulelayo: ukubuka izinto ezibonakalayo bese uthola ukuthi indaba izoba mayelana nani.
Ingxoxo ngabalingiswa, ngesakhiwo, ngesizinda kanye nangesiphetho.

**54 Sicabanga ngexoxo nomnenke** 114
Sebenzisa amagama axhuma izehlakalo owanikiwe ukubhala uhlaka nomdwebo ukuze ubhale indaba.

**55 Inhloko yomusho, isenzo nomenziwa** 116
Ukwethulwa kwenhloko yomusho kanye nomenziwa.
Ukudwebela inhloko isenzo kanye nomenziwa emushweni.
Ukwethula izenzo ezinomenziwa nezingenaye.
Ukuqhathanisa izenzo ezinomenziwa nezingenaye.
Ukuthola udwebele izenzo ezinomenziwa nezingenaye emishweni.
Bhala indaba echaza ukuthi wenzeni ngesonto eledlule. Thola inkathi edlule ezenzweni kanye nomenziwa kudayari.

**56 Uchaza ukuthini?** 118
Ingxoxo ngezaga, ukubhala usho ukuthi zisho ukuthini kanye nokudweba isithombe ukuzicacisa.

**Umbhalo onemiyalo**
**Ithemu 2: Amasonto 7 – 8**

**57 Ukwenza amaqebelengwana** 120
Sikhuluma ngezithako, indlela kanye nezitsha ezizosetshenziswa.
Ukufunda nokuqonda embhalweni onemiyalo elandelanayo.
Ukuqonda isenzo esisendleleni yempoqo.
Ukukhuluma ngamagama amasha kanye namagama asetshenzisiwe.

**58 Ukubhala indlela yami yokupheka** 122
Bhala indlela yokupheka usebenzise lolu hlaka. Bhala lapho izithako, indlela kanye nezitsha ezizosetshenziswa.
Ukubona nokudwebela zonke izenzo ezisetshenziswe endleleni yokupheka.
Ukwethulwa kwamamodali.
Ukusebenzisa amamodali emishweni.
Thola udwebele amamodali emishweni.
Qedela le misho eqala ngamamodali.

**59 Ukuyalela umuntu indlela** 124
Ukunikeza inkombandlela ngomlomo ezindaweni eziningi zasesikoleni.
Dweba ibalazwe lesikole sakho bese ubhala inkombandlela usuke esangweni lesikole uye kwezinye izindawo khona esikoleni.
Ukuhlukaniswa kwamagama. Ukuhlukanisa amagama ngamalungu bese uwabala.

**60 Ukufunda amabalazwe** 126
Ukunikeza izimpendulo ezibhaliwe nezomlomo kusetshenziswa izinto ezibonakalayo.
Ukudlala umdlalo wezinkathi ukuzijwayeza ngeyamanje, ezayo kanye nedlule.

**61 Lapho izinto zikhona** 128
Ukufunda ibalazwe ngezindlela ezahlukahlukene.
Ukuqhathanisa ukuqonda nokuphendula imibuzo ebhekene nokuqonda.
Ukwethulwa kwezingasenzo.
Ukuqedela imisho usebenzisa izingasenzo.
Ukubhala imisho usebenzisa izingasenzo.

**62 Inkombandlela** 130
Ukunikeza inkombandlela ngomlomo usebenzisa izindlela ezimbili zebalazwe ezahlukene.

**63 Yenza indlela yakho yokupheka** 132
Ukusebenzisa izithombe ukuhlela ukulandelana kwezinyathelo zeresiphi.
Ukubhala umyalelo wokwenza umsebenzi wezandla.

**64 Bhala incwadi** 134
Ukubhala indaba usebenzisa ibalazwe lemibono.
Ukubhala indaba ehlelwe ngebalazwe lemibono.






ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 103 2019/04/02 11:01:21

# Ukufunda izinganekwane






Kule themu yokuqala sizofunda inganekwane yomfana owayethanda ukumemeza athi "impisi!" Kula masonto amabili sizofunda ngezinye izinganekwane.



## Iyini inganekwane?

Inganekwane yindaba ekhuluma ngezidalwa, izilwane, izitshalo kanye nezindawo, konke okunezimanga ezithile. Ixoxa indaba enesifundo. Iningi lezinganekwane zindala futhi ziningi, njengeyelahle nobhontshisi exoxwa njalo iphindwaphindwa. Ezinganekwaneni kunezilwane ezikhulumayo, kube nemvelo njengamahlathi nemifula.




- Buka izithombe ezisekhasini elingaphesheya. Ikhuluma ngani le nganekwane?
- Ingabe ifaka nezilwane ezingakhuluma na?
- Buka isithombe bese usho ukuthi siyini isizinda, okungukuthi lapho indaba yenzeka khona.
- Susa ikhasi elilandelayo encwadini yakho. Sika ikhasi uhambise isikele emgqeni obomvu bese uligoqa emgqeni omnyama ukuze wakhe incwadi. Uma sewukwenzile lokho, fundela iqembu lakho indaba. Gcwalisa ibhamuza lenkulumo elivulekile. Gcwalisa futhi izingxenye zendaba ezibukeka zingekho emigqeni evulekile.




Ngemva kokufunda indaba, sebenzisa incazelo udwebe umgudu womjaho lapho unogwaja nofudu bebeqhudelana khona.



ZUL HL G4 B1 TH4.indd 104 2019/04/02 11:01:36

Izilwane zahalalisa ngenkulu injabulo ngenkathi ufudu selweqa umugqa wokunqoba. Zazibongela ngenkulu inhlokomo, umsindo wazo waze wezwakala ezilwaneni ezabe zisehlathini elikujana naleli. Kwathi uma ibhele seliklomelisa ufudu ngendebe, lathi:




Cosi! Cosi! Iyaphela



Isinyathelo 2: Goqa ulandele umugqa wamachashazi. Isinyathelo 3: Bamba ngesteyiphula kulolu hlangothi.

# Unogwaja nofudu


Kwasukasukela! Cosu!





Isinyathelo 1: Goqa emgqeni onamachashaza.

Unogwaja wayegijima phambili kofudu. Wayedamane ejeqeza emuva ukubheka ukuthi ufudu selukuphi. Waluhleka.





Lwagcina selufikile usuku lomjaho. Zonke izilwane zasehlathini zaphuma zonke ngisho nesinedolo ukuzokweseka unogwaja. Zazimemeza zibongela kubhakuza nefulegi. Kwakukhala amavuvuzela kuculwa nezingoma.

Ibhele yilo elezwakala lithi, "Guqani-ke, lungani-ke, SUKANI!"






ZUL HL Gr1 B1 TH4.indd 105
2019/04/02 11:01:41




Unogwaja nofudu babehlala ehlathini. Unogwaja wabe ezigqaja ngejubane lakhe. Wayehlala ehlekisa ngofudu ngoba nakhu luhamba kancane. Wamangala unogwaja uma ufudu luphonsa inselelo yomjaho.

Lwathi ufudu: "Sizogijima sinqamule insimu, sidlule isivande sezaqathe bese sikhuphukela echibini lamadada. Masinyane le ndaba yomjaho yagcwala ihlathi lonke. Zonke izilwane nezinyoni zezwa ngale ndaba."



Zajabula izilwane, zaqala sezibongela uma zibona ufudu lusondela eduze nomugqa wokuphumelela. Zabongela zafutha namavuvuzela.

Umsindo wamvusa unogwaja. Ufudu lwase luseduze nomugqa wokuphumelela. Wagxuma wagijima eza ngemuva kofudu.








Unogwaja wathatha isinqumo sokuzilolonga ukulungela umjaho.







Unogwaja wayecabanga ukuthi nguyena owabe ewunqobile umjaho. Wanquma ukuba aphumule ngaphansi kwesihlahla alalele umculo. Uma ufudu lusondela, wayezokwazi ukugxuma agijime aze afike emgqeni wokunqoba.



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 106 2019/04/02 11:01:52

# Emva komjaho





**Masibhale** Funda imibuzo elandelayo bese ukokelezela uhlamvu oluseceleni kwempendulo efanele.

| Obani abalingiswa abasemqoka kule nganekwane? | |
|---|---|
| A | Wufudu noma uvemvane |
| B | Wunogwaja nofudu |
| C | Yibhele nofudu |

| Siyini isizinda sale nganekwane? | |
|---|---|
| A | Yihlathi |
| B | Yizu |
| C | Yisiqiwi iKruger Park |


| Yikuphi kokulandelayo okuchaza kahle isimilo sikanogwaja? | |
|---|---|
| A | Ukulunga nokunakekela |
| B | Unonya nenkohlakalo |
| C | Uyazikhukhumeza futhi uyadelela |

| Yisiphi isifundo esisithola kule ndaba? | |
|---|---|
| A | Uma udinga usizo akekho ongakusiza. |
| B | Uma unesineke sokuqhubeka uyawunqoba umqhudelwano. |
| C | Kufanele wethembeke. |

Ngabe uyavuma ukuthi le ndaba iyinganekwane? Kungani usho kanjalo?

| |
|---|
| |
| |

Thola amagama achaza isimilo sikanogwaja uwafake ezikhaleni ozinikiwe.





Sebenzisa amanye emagameni asemsebenzini odlule ukubhala isigatshana esichaza oyedwa wabalingiswa.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 107 2019/04/02 11:01:54

# Ukuxoxa izindaba



**Masibhale**

Fingqa indaba kanogwaja nofudu ngokubhala imisho engaba yisishiyagalombili.

Ekuqaleni

Kwase

Emva kwalokho

Ekugcineni

**Masikhulume**

Yenza sengathi ungumsakazi wezemidlalo, uzokwethula umbiko ngomjaho phakathi kukanogwaja nofudu. Ungathini?

Yethula umbiko wakho eqenjini lakho.

Bhala phansi eminye yemibono yakho.

*Manje-ke sibheka umbiko wanamuhla kwezemidlalo. Kubika u-____________. Umjaho phakathi kukanogwaja nofudu bewuseGreen Tree Forest khona namuhla.*



## Ngiyahlola nje

| Ngabe ngi- | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| -thule umbiko wami ngokulandelana kwezinto, zilandelane ngendlela efanele. | | |
| -nikeze ulwazi olwanele ngomjaho, abalingiswa kanye nesizinda. | | |
| -sebenzise ulimi olufanele izingane. | | |




ZUL HL G4 B1 TH.indd 108 2019/04/02 11:02:05

Usuku

# Okwengeziwe ngezenzo

Isenzo yigama elisho into eyenziwayo emshweni. Izenzo zisitshela kabanzi ngokuthi umuntu noma abantu benzani. Izenzo zihlala ziguquguquka zilandela inkathi.

Izolo ngigeze izitsha. Namuhla ngigeza izitsha.



Masibhale

Dwebela izenzo kule misho. Yisho ukuthi zisenkathini eyedlule noma yamanje yini.

| | Inkathi |
|---|---|
| Ngiya esitolo. | |
| Uya kudokotela. | |
| Baya enkundleni yezemidlalo. | |
| Udlala ibhola lezinyawo. | |
| Ngikudlile ukudla kwami kwasemini. | |

| | Inkathi |
|---|---|
| Uya esitobhini sebhasi. | |
| Uluphuzile ubisi. | |
| Babuka umabonakude. | |
| Ngagibela ibhayisikili lami. | |
| Uxubha amazinyo. | |

Sebenzisa lezi zenzo emishweni bese usho ukuthi zikuyiphi inkathi.

yipha, wahamba, wapha, wadla, hamba, gijima, wagijima, yidla



| | Inkathi |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 109 2019/01/02 11:02:10

Usuku

# Izenzo ziyaqhutshwa





Masizijabulise

Ngenela umjaho. Funda inkathi yamanje neyedlule yesenzo ngasinye ezisezikweleni eziphuzi. Umngani wakho kufanele afunde amagama ezisezikweleni eziluhlaza okwesibhakabhaka. Bheka ukuthi ubani onqobayo. Yembozani ikholamu yenkathi edlule bese nibuzana ngamagama asenkathini edlule.

| | |
|---|---|
| uyathenga | uthengile |
| liyamba | lihambile |
| bayadweba | badweba |
| liyashayela | lashayela |
| siyadla | sadla |
| ziyawa | zawa |
| uyafunza | wafunza |
| uyezwa | wezwa |
| baya funa | bafuna |
| iyandiza | yandiza |
| ziyathola | zathola |
| ngiyathenga | ngathenga |
| uyakhulisa | ukhulisile |
| ulokhu | wayelokhu |
| uyezwa | uzwile |
| uyafihla | ufihlile |

| | |
|---|---|
| uyanikeza | unikezile |
| uyahamba | uhambile |
| unakho | wayenakho |
| uyagcina | ugcinile |
| uyazi | wazile |
| uyenza | wenzile |
| uyakhokha | ukhokhile |
| uyagijima | ugijimile |
| uyabona | ubonile |
| uyathumela | uthumelile |
| uyaxukuza | uxukuzile |
| uyahamba | uhambile |
| ulokhu | wayelokhu |
| uyagcina | ugcinile |
| uyazi | wazile |
| uyenza | wenzile |



UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 111 2019/01/09 13:01:57

# Ixoxo nomnenke



## Masikhulume

Xoxa momngani wakho ngesithombe sopopayi. Upopayi uxoxa indaba ethi mayifane nekanogwaja nofudu. Buka isithombe uthole ukuthi sikhuluma ngani.




## Masibhale

Wobani abalingiswa?

Yini isizinda?

Uthini ngesakhiwo?

Sithini isiphetho?

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha kumzamo wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 112 2019/01/02 11:02:35

# Sicabanga ngexoxo nomnenke





Masifunde

Funda kuzwakele.


Fundela iqembu lakho inganekwane. Ngabe ziyafana lezi izinganekwane? Zehluke kanjani?





Masenze

Wena neqembu lakho lingisani le nganekwane. Uzodinga umlingiswa ozoba umnenke, omunye abe yixoxo, bese kuba ngumlandi.






Masibhale

Funda indaba yakho bese wenza uhla lwezenzo ozisebenzisile. Kokelezela lezo ezisenkathini edlule.

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |



Masikhulume

Yenza sengathi ungumsakazi wezemidlalo manje kufanele usakaze umncintiswano wokugijima phakathi kwexoxo nemnenke. Uzothini?

Yethula umbiko wakho eqenjini lakho.

Bhala phansi eminye imibono.

*Ezemidlalo zanamuhla! Kubika u-____________ Namuhla bekunomjaho phakathi komnenke nexoxo endaweni yaseGreen Tree Village.*



## Ngiyahlola nje

| Ngabe ngi- | ✔ | ✘ |
|---|---|---|
| Yawethula umbiko ngokulandelana kwezinto, zilandelane ngendlela efanele? | | |
| Nikeza ulwazi olwanele mayelana nomjaho, abalingiswa kanye nesizinda? | | |
| Sebenzisa ulimi olufanele abantu abasha? | | |




ZUL HL G4 B1 TT4.indd 114 2019/01/02 11:02:18

# Izenzo ziyaqhutshwa

Nalu uhla lwezenzo ezichaza isimo. Lezi yizenzo ezifana nokuthi, uyazi, ukhona, uhlakaniphile, ezikhuluma ngesimo esikhundleni sokukhuluma ngento eyenziwayo.

Isibonelo: *Ngiyakuzonda ukubanda kwasebusika* (ukuzonda yisenzo-simo) *kwehlukile ekuthini* (Ngidla amaswidi.)



Masibhale

Qedela imisho ngezenzo ezinikeziwe.

| | |
|---|---|
| vuma<br>vumelana | Ngiya- ______________ ukuthi sinomsebenzi wesikole omningi.<br>Ube- ______________ nami. |
| -vele<br>-vela | Izulu la- ______________ laqala ukuna.<br>Ba- ______________ edolobheni. |
| -kholwa<br>-kholelwa | Angizi- ______________ izindaba.<br>Angi- ______________ emaphusheni. |
| ngeka-<br>ngezika- | Le ncwadi ______________ -mamncane.<br>Lezi zincwadi ______________ -mamncane. |
| -phathekile<br>-phatheke | Angi- ______________ kahle emoyeni.<br>Ubonakala e- ______________ kabi emoyeni. |
| zonda<br>-zondana | U- ______________ ukubanda.<br>Omakhelwane bavame uku- ______________ |
| thanda<br>thandela | Ngizi- ______________ ushokoledi.<br>Bona-ke ba- ______________ amaswidi. |
| fisa<br>sifisa | ______________ ngabe sengathi nginebhayisikili.<br>______________ sengathi singadlala ibhola lezinyawo. |
| -nesisindo<br>sinda | Ngi- ______________ sama-35 kg.<br>Indlovu i- ______________ ngaphezulu kwalokho. |



Yakha imisho yakho usebenzisa lezi zenzo.

| | |
|---|---|
| thanda | |
| linganisa | |
| jabulela | |
| khumbula | |
| hogela | |
| yizwa | |

# Inhloko yomusho, isenzo nomenziwa







Wena nomngani wakho fundani le misho elandelayo.

Dwebela inhloko yomusho ngokubomvu. Inhloko yomusho isho umuntu noma into eyenza okuthile.

Dwebela isenzo ngombala oluhlaza okwesibhakabhaka. Isenzo yigama elisho okwenziwayo

Dwebela umenziwa ngombala osatshani. Lokhu kusitshela ukuthi yini noma ubani othintekayo esenzweni.






| |
|---|
| Ikati lisukela igundane. |
| UMimi wayemthanda uJabu. |
| Umpheki ushise ukudla. |
| Umfana uphule ifasitela. |
| Amantombazana indizise ikhayithi. |
| Besibhaka amakhekhe. |








Thola bese udwebela izenzo emshweni ngamunye kwelandelayo. Kokelezela umenziwa.

Ezinye izenzo azinamqondo ngaphandle kokuthi zandulele umenziwa. Zibizwa ngokuthi yizenzo ezinomenziwa nesilandiso.


| | |
|---|---|
| Ubulele ifasitela. | Ngigcwalise ingilazi yami. |
| Ugeza ubuso bakhe. | UMandu ufihle idayari yakhe. |
| Ibhele liqale umjaho. | UZinhle ubhale i-imeyili. |

Manje buka le misho elandelayo. Dwebela inhloko yomusho nesenzo. Le misho ayinaye umenziwa.

Izenzo eziqondile azimdingi umenziwa ukuze umusho uphelele.



| | |
|---|---|
| Uyacabanga. | Inja ilele. |
| Izulu liyaduma. | Bayasebenza. |
| Uyaphumula. | Bayagijima. |
| Ikati liyazelula. | Isikebhe sicwilile. |





ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 116 2019/01/02 11:03:09

Usuku ______




Thola bese udwebela izenzo kulesi sigatshana.

| |
|---|
| Bengithi ngizocula ekhonsathini ngaphazanyiswa ukuya kudokotela. |
| Alifikanga itekisi ngakho-ke ngahamba ngezinyawo. UDokotela uthe kuhle ukuthi ngidle imifino. Ngizoyitshala engadini yami. |




Bhala kudayari uchaze izinto ozenze ngempelasonto edlule. Uma sewukwenzile lokhu, dwebela inhloko yomusho ngombala obomvu, isenzo ngombala oluhlaza okwesibhakabhaka nomenziwa ngombala osatshani.






ZUL HL Gr1 B1 THA.indd 117 2019/01/02 11:03:27

# Uchaza ukuthini?





Masikhulume

Xoxa neqembu lakho unike incazelo yezisho ezibhalwe ngokugqamile.

Izisho ngamagama anencazelo enye ngaphandle kwencazelo ejwayelekile. Sivame ukuzisebenzisa uma sikhuluma.



Masibhale

ULungi akanasitho unyathela ngabantwana.





OZizwe noThembi bangamathe nolimi.

UDeda wangenwa ngamanzi emadolweni, ebona izintuthwane.






Akeve emuhle uZinhle, nguphumalangasikothe.

UMbongeni uyozela, Usedoba izinhlanzi.






Ngeke ngikwazi ukuthenga imoto, imba eqolo.



ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 118 2019/04/02 11:03:29

# Ukwenza amaqebelengwana







Masifunde

Funda le miyalelo bese uphendula imibuzo.

## Indlela yokupheka amaqebelengwana




### Izithako ezindigekayo

- 4 izipunu zebhotela
- 1 inkomishi kafulawa.
- 3 izipunu zikashukela usawotshana
- 2 amathisipunu esikhukhumalisi
- 2 amaqanda
- 1 inkomishi yobisi
- $\frac{1}{2}$ ithisipunu levanila esensi

### Indlela Yokwenza

1. Ncibilikisa ibhotela emlilweni ophansi.
2. Hlanganisela izithako ezomile endishini enkulu.
3. Hlanganisela izithako ezimanzi kwenye indishana, ufake nebhotela elincibilikisiwe.
4. Faka izithako ezomile nezimanzi endishini uzihlanganise bese ugovuza isikhathi esingangomzuzu o-1.
5. Faka izipunu ezigcwele zebhotela epanini elishisayo.
6. Uma sekuvela amagwebu ngaphezulu, liphendule iqebelengwana.
7. Uma izinhlangothi zombili sezinombala onsundu sagolide, usungaphaka uhlanganise nosulubha, kudliwe.





Masibhale

Funda indlela yokupheka ngokucophelela bese uphendula imibuzo mayelana nayo.

Yiziphi izinto esithi yizithako ezomile? Bhala phansi uhlu lwazo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



ZUL HL Gr4 B1 TTH.indd 120 2019/01/02 11:03:38

# Ukubhala indlela yami yokupheka





Masibhale

Manje bhala umyalelo wokwenza isemishi.

Dwebela zonke izenzo embhalweni wendlela yakho yokupheka kanye nakuleyo yokupheka amaqebelengwana.



Indlela yokwenza isemishi ____________________

Izithako ezidingekayo


| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Indlela ezolandelwa

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

Izitsha ezidingekayo

| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |



- Chazela iqembu lakho ngeresiphi yakho nokulandelana kwezigaba zayo.
- Uwasebenzise kangaki amagama afana nelithi ungakwenza nathi kumele ukwenze?
- Lawa ngamagama avame ukusetshenziwa emishweni esendleleni yamandla neyempoqo.

Masikhulume

Buka la magama nezakhi.

| | |
|---|---|
| ukukwazi | kufanele |
| Kumele | nginga- |
| kufanele | ngizo- |

Kusho ukuthini lokhu kithi?

Sisebenzisa isakhi –nga- ukutshengisa into engase yenzeke.

Sisebenzisa amagama anjengokuthi: bengifisa ukucela imvume.

Sisebenzisa amagama athi kumele, kufanele kanye nelithi kudingeka ukuveza isidingo.

Sisebenzisa isakhi u-zo ukukhombisa intshisekelo nesifiso.






ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 122 2019/04/02 11:03:48



Masibhale

Thola udwebele izenzo ezisendleleni yamandla neyempoqo. Unikeziwe isibonelo ekuqaleni.



Letha izingubo zakho zokubhukuda uma ufuna ukubhukuda.

Ibhasi lingasuka esikoleni ngehora le-09:00.

Kufanele uze nokudla kwakho kwasemini.

Yenza umsebenzi wakho wasekhaya zonke izinsuku.

Ngingadlala ibhola lezinyawo kusasa.


Akufanele ukuthi ubheme.

Angikwazi ukudlala namuhla. Kufanele ngifundele ukulungiselela isivivinyo.

Ngingagoduka ngaphambili kwesikhathi namuhla?

Ngingalidlala ibhola lezinyawo.

Vakashela udokotela wamazinyo.



Masibhale

Sebenzisa amagama owanikiwe ukwakha umusho.

| |
|---|
| Akufanele u- |
| Kufanele u- |
| Kufanele ngi- |
| Ngingakwazi uku- |
| Nginga- |



ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 123 2019/01/02 11:03:47

# Ukuyalela umuntu indlela



Masenze

Namuhla kunomfana omusha esikoleni. Khombisa lo mfana izinto ezitholakala esikoleni.




Masenze

Funda inkombandlela ngokucophelela. Landela-ke inkombandlela ukuthola izindawo ezahlukahlukene ebalazweni lesikole. Uma sewuzitholile izindawo, gcwalisa amagama azo ebalazweni.

| | |
|---|---|
| Ikilasi lebanga lesi-4 | Yikilasi lokuqala ngakwesokudla |
| Ihhovisi likathishomkhulu | Uma efika kumele ajikele ngakwesokunxele. Ihhovisi likathishomkhulu yigumbi lesibili ngakwesokudla. |
| Izindlu zangasese. | Uma engena emagcekeni esikole kumele ajikele ngakwesokunxele. Uzozithola egumbini lesine elingakwesokudla. |
| Inkundla yokudlala | Uma engena, kumele ajikele ngakwesokunxele bese engena ngomnyango ongakwesokudla. |



ZUL HL Gr4 B1 TT4.indd 124 2019/01/02 11:03:50



Dweba ibalazwe lesikole sakho.

**Masizijabulise**



**Masibhale**

Bhala inkombandlela ukusuka esangweni lesikole kuya ekilasini lakho.



## Ukuhlukaniswa kwamagama ngamalunga



**Masibhale**

Hlukanisa la magama ngamalunga. Emva kwalokho ubhale ebhokisini inani lamalunga egameni ngalinye. Uma usukwenzile lokhu, sebenzisa amagama ayi-6 ukwakha imisho. Wabhale encwadini yakho.

Qaphela ukuthi wonke la magama anezijobelelo.


| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| i/mi/ba/la | 4 | ukujabha | | incazelo | | kakhudlwana | |
| akanakusizakala | | uyabumba | | ukuqhathanisa | | kakhulu | |
| kuyisimangaliso | | ukuzethemba | | ukulunga | | uweta | |
| injabulo | | uthembekile | | amalunga | | ingxoxo | |
| ukunganakekeli | | kuhle | | kuhle | | unethezekile | |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 125 2019/01/02 11:03:53

# Lapho kuhlala khona uJabu noThema








Buka isithombe bese ugcwalisa ngamagama angekho.

1. UThema uhlala endlini enodonga olunombala ophuzi nophahla olunombala o-__________ .
2. UThema ujikele kwesokunxele wayesekwazi ukuthola iveni waya kuyo __________ .
3. UJabu uhlala endlini enophahla olunombala o-__________ Ubheke ngakuThema.
4. UJabu ujikela ngakwesokunxele. Usejikela ngakwesoku-__________ . Angathenga lapho.
5. Uma efuna ukuthenga izitembu uThema, ujikela ngakwesoku-__________ esangweni lakubo ngoba i-__________ lingakwesokudla.



# 61 Lapho izinto zikhona

**Masikhulume**

- Uma umi phezulu kwesihlalo ekilasini lakho, ubonani uma ubheka phansi?
- Uma umi ngemuva kwekilasi bese ubheka ekilasini lakho, ubonani?
- Uma umi ngaphambili kwekilasi lakho bese ubheka ekilasini , ubonani?
- Kuzame lokhu.

**Masibhale**

| Bhala uhlu lwezinto eziyi-12 ozibona esithombeni soku-1 ekilasini lakho. | Faka uphawu kulezo ezifanayo nasesithombeni sokuqala. |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Isithombe soku-1: Ukubuka ikilasi ungemuva




Isithombe sesi-2: Isithombe sebalazwe lekilasi



**Masibhale**

Bheka le midwebo emibili bese uphendula imibuzo elandelayo.

| |
|---|
| Ubemiphi umdwebi uma edweba lesi sithombe? |
| Zingaki izingane ezingahlala kuleli kilasi? |
| Yini eseduzane nefasitela? |
| Mangaki amafasitela kuleli kilasi? |
| Mangaki amashalofu kuleli khabethe lezincwadi? |



ZUL HL G4 B1 TH.indd 128 2019/04/02 11:04:45



Masibhale

Qedela imisho ngezingazenzo ezinikeziwe

**Izingasenzo zisebenza ukusiza isenzo.**

Zisiza isenzo esimqoka ukuthi siqedele umqondo waso. Zandulela isenzo esimqoka emshweni.

| | | |
|---|---|---|
| lokhu | 1. | Si-_____________ dlala ibhola lomnqakiswano. |
| ulokhu | 2. | Bona _____________ sebenzisa ikhompiyutha. |
| wayelokhu | 3. | ____________ elala ngelesi-7 kusihlwa. |
| babelokhu | 4. | ____________ bemangele ukuthi ngabe kwenzekeni. |
| ulokhu | 5. | Ngi-____________ ngifunda incwadi. |
| vame | 6. | u-____________ ehambe ngeholide. |
| zilokhu | 7. | u-____________ ekhuluma nocingo. |
| bade | 8. | Abantwana ba-____________ bedlala. |
| ude | 9. | -____________ afunda eGoli. |
| de | 10. | Ngi-____________ ngifunda. |
| babede | 11. | U-____________ kuqeda umsebenzi wasekhaya. |
| zide | 12. | Ngi-____________ kuqeda umsebenzi wasekhaya. |




1 lokhu, 2 ulokhu, 3 wayelokhu, 4 babelokhu, 5 ulokhu, 6 vame, 7 zilokhu, 8 bade, 9 ude, 10 de, 11 babede, 12 zide

Khetha isingasenzo esisodwa wakhe ngaso umusho.



ZUL HL Gr4 B1 TRHA.indd 129 2019/01/02 11:04:50






Masibhale

Buka isithombe senkombandlela engenhla ebese uphendula imibuzo. Kokelezela igama elifanele kwabhalwe ngokwehlukile

| |
|---|
| Umgwaqo uHadebe usenyakatho/eningizimu nomgwaqo uMandla. |
| Isikole sisenyakatho/eningizimu nomgwaqo uMandla. |
| Isibhedlela sisenyakatho/eningizimu nomgwaqo uHadebe. |

Manje gcwalisa ngempendulo efanele.

| | |
|---|---|
| Sikumuphi umgwaqo isibhedlela? | |
| Likumuphi umgwaqo ipaki? | |
| Sikumuphi umgwaqo isiteshi sezicima-mlilo? | |
| Bhala imisho emithathu ukusho ukuthi izinto zikuphi kuleli balazwe. | |
| | |
| | |

Usuku ____________




Manje bheka ibalazwe elikuleli khasi. Yalela abangani bakho indlela eya ezindaweni ezahlukene. Uboqala esikoleni uma wenza inkombandlela.

**Isibonelo:**

Umbuzo: Ngizodlula izakhiwo ezi-4 ngibheke eningizimu, bese ngidlula esi-1 ngibheke entshonalanga. Ngiyaphi?

Impendulo: Kudokotela wamazinyo.







Funda le nkombandlela. Gcwalisa ngezindawo lo muntu azoya kuzo kukholamu ekwesokudla. Sebenzisa ibalazwe elifanayo.

| | |
|---|---|
| Ngizodlula izakhiwo ezi-2 ngibheke eningizimu, ngidlule ezi-2 ngibheke entshonalanga. | *Eposini* |
| Ngizodlula izakhiwo ezi-3 ngibheke eningizimu, ngidlule ezi-3 ngibheke entshonalanga. | |
| Ngizodlula izakhiwo ezi-3 ngibheke empumalanga. | |
| Ngizodlula izakhiwo ezi-3 ngibheke enyakatho, ngidlule ezi-2 ngibheke entshonalanga. | |
| Ngizodlula izakhiwo ezi-2 ngibheke enyakatho, ngidlule esi-1 ngibheke empumalanga. | |
| Ngizodlula izakhiwo ezi-2 ngibheke eningizimu. | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH.indd 131 2019/01/02 11:05:15

# 63 Yenza indlela yakho yokupheka





Nikeza izithombe izinombolo ukuze zilandelane kahle zikhombise ukuthi lenziwa kanjani isemishi.














Manje bhala indlela yokulenza ekhombisa ukuthi uzodinga ziphi izithako.

## Ukwenza isemishi lebhotela lamantongomane nobhanana

### Izithako

| | |
|---|---|
| | |
| | |

### Indlela yokulenza

Sebenzisa izithombe ozinike izinombolo ukukhombisa ukuthi uzoyilandela kanjani indlela yokulenza.

| |
|---|
| 1 |
| 2 |
| 3 |
| 4 |
| 5 |



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 132 2019/01/02 11:05:22

Usuku

# Ukwenza isihloko sepensela



Masenze



| | |
|---|---|
| 1 | Sika okusikwayo ngemuva encwadini yakho okuyisihloko sepensela. |
| 2 | Sika isihloko sepensela emigqeni ehamba ngaphandle lapho iwugqinsi khona. |
| 3 | Goqa ngokulandela amachashazi. |
| 4 | Qaqa usivule isihloko bese usinamathisela ngeglu. |
| 5 | Yekela iglu imizuzu embalwa ukuze yome. |
| 6 | Thatha ipensela. Songa ingezansi lepensela ngomucu ophezulu uwehlisele ezansi usonge ulinganise nesentimitha ngezansi njengaphezulu. |
| 7 | Libambe ipensela uliqinise bese ubopha lapho usonge khona ngethephu. |



## Ngiyahlola nje

| Ngiyakwazi uku- | | |
|---|---|---|
| funda ishadi lemininingwane yolwazi, isibonelo: ishadi lesimo sezulu. | | |
| bhala umbhalo owethula ulwazi. | | |
| nikeza imininingwane yolwazi equkethwe yindaba. | | |
| bhala indaba. | | |
| bhala uchaze umlingiswa othile. | | |
| funda uqonde isiphithiphithi esidaleke enganekwaneni. | | |
| bhala inganekwane. | | |
| sebenzisa izichasiso. | | |
| nikeza amagama aqhathanisayo njengokuthi kukhulu, kukhulu kakhudlwana, kukhulu kakhulu. | | |
| sebenzisa izabizwana zoqobo (yena, yona). | | |
| sebenzisa izabizwana zongumnini (yakho no- yami). | | |
| sebenzisa izabizwana zokukhomba (lezi, lezo). | | |
| thola inhloko yomusho kanye nomenziwa emishweni. | | |
| nikeza indlela yesenzo ezokwenza isenzo sivumelane nenhloko yomusho. | | |
| sebenzisa izakhi nezivumelwano ezifanele (se-, be-, u-, i-). | | |
| nikeza ubuningi obufanele. | | |
| nikeza amagama anomqondo ophikisayo. | | |
| sebenzisa inkathi edlule. | | |
| sebenzisa inkathi ezayo. | | |
| sebenzisa inkathi yamanje. | | |
| thola izinhlobo ezahlukene zezenzo, izenzo ezimqoka, izenzo ezingenamenziwa, izenzo ezinomenziwa. | | |
| nikeza izenzo ezijwayelekile nezenzo ezingajwayelekile. | | |
| thola izenzo ezichaza isimo (izenzosimo). | | |
| nikeza izenzo ezizimele nezingasenzo. | | |
| sebenzisa izingasenzo ezifanele. | | |
| hlukanisa amagama ukhiphe izakhi . | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr4 B1 TH4.indd 133 2019/04/02 11:05:30

